


UJESU KRISTU NGUYENA

IZOLO, NAMUHLA, NAPHAKADE

 Ngiyabonga, mfowethu. [UMfowethu Samuel Johnson uthi, “UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Branham.”—Umhl.] He, ngizofanele ngiphile elinye, ukuphila elinye idumela elinjengalelo, ngingeke na? Ngikuthokozela ngempela lokho, nokho. Ukuba bekungekho-muntu okholiwe, bekuyongisiza ngani ukuba ngihambe na? Ya. Uzofanele ube nothize okholwayo. Akunandaba ukuthi uNkulunkulu ubengenzani, uma ungakukholwa Akwenzayo, khona-ke... Kuzofanele kube yithi sobabili, uyazi, uzofanele abekhona okholwa nami ngalokhu. Futhi akunandaba ukuthi bekungenzekani, uma—uma kungekho-muntu okholwayo, khona-ke bekungebe nanzuzo, bekungeke kusize nhlobo. Kodwa ngiyabula kakhulu ukuzwa ukuthi abantu usayikholwa lendaba eyisimangaliso yeNkosi uJesu. Uluthando olunomusa kithi sonke.

² Futhi ngibe nesikhathi esimnandi kabi izolo ebusuku. Ngi—ngiye ekhaya ngase ngiphila ngemiphumela yaso kwaze kwaba yilesisikhathi. Ngibuyela ukuzophinda ngigcwalise. Futhi ngicabanga ukuthi yilokhu sonke esikuzelayo, ngukuzwa amaculo aseZiyoni, izimfazozo zabantu, nasendlini yeNkosi.

³ Manje, ngikholwa ukuthi kwake kwashiwo, eBhayibhelini, “Kumnandi kangaka ukuba abazalwane bahlalisane ndawonye bemunye.” Kufana namafutha okugcoba ayesesilevini sika-Aroni, ehlela emiphethweni yomphetho wakhe. Ngicabanga ukuthi akukho lutho olunye oluyigugu kunokubona a—abantu abahlanganisiwe, eMoyeni weNkosi, ukuba babe munye, bonke bevuma.

⁴ Niyazi, ngicabanga ukuthi izinsuku eziyishumi ababelindele ngazo o—okwasekuqaleni, ukuthululwa kokuqala kukaMoya oNgewe, kufanele ukuthi lokho kwakukade kuyisikhathi esinjani pho sokuhlangana, kwabantu bonke benhliziyonye futhi bekuvumelana kunye. Futhi ngaso sonke isikhathi umuntu ehlangana ndawonye kanjalo, kusukela ngaleyonkathi, uMoya oNgewe uhlangana nabo njalo.

⁵ IBhayibheli lathi, uJesu ekhuluma, washo ukuthi, “Lapho kuhlangene ababili noma abathathu ngeGama laMi, nami Ngikhona phakathi kwabo.” Ngakho manje siyazi, ngokweqiniso, ukuthi uJesu ubuthene nathi, ngoba sibuthene eGameni laKhe.

⁶ Manje, kulobubusuku, kunikezelwe ukuba kukhulekelwe abantu abagulayo. Futhi lapho ngingena ngomnyango,

ngibone ukuthi bekukhona labo belele lapho, abebegula futhi behluphekile. Indodana yami ibuyile nje ukuba ilande uDadewethu Moore nami, nokusiletha ngapha endlini yokukhonzela; futhi ithe ibikhiphe amakhadi omkhuleko, ukuze ikwazi ukubabala futhi—futhi yenyuse abantu ngamunye ngesikhathi esisodwa, ukubakhulekela.

⁷ Namhlanje ngibe nosuku olumnandi. Bengisezansi e—epaki elincane ezansi lapha, futhi bekukhona indoda efikayo, iqoqa i—izinto emgqonyeni kadoti.

Ngathi, “Ngilapha ngomhlangano.”

Yathi, “O, phezulu lapho ezinkundleni zekhempu na?”

Ngathi, “Yebo.”

⁸ Yathi, “Awu,” yathi, “Ngizokwenyuka kusasa ebusuku.” Yathi, “Kunomfundisi, uMfowethu Branham, uzokhuluma.”

Ngase ngithi, “Yebo, mnumzane.”

⁹ Yayisithi, “Awu,” yathi, “Ngifuna ukwenyuka.” Yathi, “Umkami nomndeni ubephezulu izolo kusihlwa.” Futhi—futhi i—indoda ibibhema.

¹⁰ Futhi—futhi ngathi, “Awu,” ngathi, “uyamazi uMfowethu Branham na?”

¹¹ Yathi, “O, sekuyiminyaka eyedlula.” Yathi, “Wayelapha nge... Ngangicabanga njalo ukuthi kuthathe inqwaba yesibindi, noma ukukholwa, noma okuthize.” Yathi, “Ngangingapha ethala lezikhali ukumbona enyusa labobantu lapho, besezinhlakeni zemibhede nezinhlaka, nezimpumpu the nabasontekile, futhi ngibabona behamba besuka emsamo.”

Kodwa nga—ngathi, “Ngi—nginguMfowethu Branham.”

¹² Futhi ya—yathi, “O, angi...” Yathi ukubeka usikilidi wayo ngemuva. Nohlobo lomfo ongumnumzane ohlonipheke kakhulu. Nenze indoda iyenyuka, ekahle kakhulu.

¹³ Sibe nengxoxo encane, bengizwakalisa kubo ngoBukhona bukaNkulunkulu. “A—akukho—akukho—ndawo ongabuka kuyo. Ungabuka umuthi, ungawubona ukuthi ubuswa nguNkulunkulu. Nayonke into oyibukayo nguNkulunkulu.” Ngathi, “Ngithemba ukuthi uma sibonana futhi, sisaphila, ukuthi uyoba ngumKristu njengomndeni wakho.” Ngabakhulekela masinya besuka nje, omunye umnumzane ohloniphekile.

¹⁴ Futhi uma bekhona kulobubusuku, ngithemba ukuthi angibaphoxi ngokusho lokhu, kodwa ngi—ngi—ngithemba ukuthi uNkulunkulu uzokwenza amaKristu ngalawo indoda amabili. Sifuna ukubonana futhi ezweni elingcono, lapho uMuthi wokuPhila uqhakaza khona ngaphesheya komfula. Sonke siyazi siza ngaleyondlela.

¹⁵ Futhi manje ngedlula ezimakethe nje nezindawo, futhi kubuyisa izinkumbulo ezindala. Futhi izolo kusihlwa ngenkathi ngiphuma, uMfowethu Johnson ubehlezi phandle lapho, umfowethu, yena noDadewethu Johnson. Sekuyiminyaka eminingi ngagcina ukubabona. Ngigcina ukumbona, wayeshaywe yistroki, wafa uhlangothi. Kwakungale eCalifornia, uMfowethu Noel. Kubuyisa izinkumbulo zezinsuku ezindala, ekufikeni kokuqala eArkansas, idolobha elincane elibizwa ngemoark, ibandla elincane lamaPentecostal ehlezi ngemuva eceleni. Kwehlele kuMfowethu... eCorning, eArkansas, uMfowethu Johnson nomkakhe. Nokuthi ngizikhumbula kanjani lezozinsuku ezinkulu!

¹⁶ Bese-ke kwehlele kuMfowethu T. Richard Reed. Ngiyakhumbula ekuseni, ezansi eJonesboro, umkakhe, wayeyinyumba. Wayefuna abantwana owesilisa.

¹⁷ Ngangisemuva lapho ekamelweni, nabantu babedabule isikrini basikhipha ewindini, bengena, ngikhulekela abagulayo. Wangibeka emuva ekamelweni. Ngangizoba nomugqa womkhuleko. Wacabanga ukuthi ngangingenile futhi ngiyolala embhedeni, futhi kwakubakhona abantu bemi konke phansi-na-phezulu egcekeni elingemuva, babenomugqa womkhuleko. Naye elele phandle lapho; ngangisemuva lapho ngikhulekela abagulayo, ngewindi.

¹⁸ Futhi ngiyakhumbula, ngokusa okulandelayo, ngiphuma. NoDadewethu Reed wayenyangiwe nayo yonk'into, ukuzama ukuba nomncinyane. Ngase ngiqala ukuhamba ngedlula ngeminyango, omunye wemibono yokuqala emhlanganweni, ngambona ephethe ingane encane yomfana onezinwele ezimhloshana. Ngakhuluma eGameni leNkosi ukuthi uzoba nayo. Waba nayo, nokuthi uNkulunkulu walibusisa kanjani ikhaya labo.

¹⁹ Futhi, o, izinto eziningi kakhulu! NoMfowethu G. H. Brown; iLittle Rock ezansi lapha. Ngiyakhumbula lapho, 505 uMgwaqo uVictor.

²⁰ Niyazi, ngi—ngingathanda nje ukuthatha uchungechunge lwemihlangano futhi ngizithungathele mina ngibuyele emuva ngizungeze ngedlule, eArkansas nalawomabandla nezinto, futhi ngibone abantu, futhi ngibaxhawule. Lokho kuyamangalisa, abantu bakaNkulunkulu! Ndawo zonke engiye kuzo, ngike ngaba sezansi le emenweni yaseAfrika, nangale phakathi kwamaNdiya, adla umlilo, nezinyanga-bathakathi, nabo bonke ezizweni zonke, nangokujikeleza umhlaba, kodwa angikaze ngibakhohlwe abangane bami eArkansas, ukuthi babeziphakamisa kanjani lezozandla, futhi babeke abantwanyana babo phansi kwetrakhi esadlala... lina. Ngibone izintombi zehla ngestradi, zingafake zicathulo, noma ezansi nomgwaqo, bese-ke zesula uthuli ezinyaweni zazo bese

zifaka izicathulo zazo namasokisi amade, zingena. Mina emuva ezihlahleni, ngikhulekela umhlangano. Angisoze ngakukhohlwa lokho, ukuthi bangabantu bangokoqobo ngempela kanjani. Nginokubonga kakhulu ukuthi basekhona abantu abanjalo ezweni.

²¹ Kulobubusuku, bese ngikhohliwe ngokuba nokuza kulomhlangano ngoluny'usuku, futhi nje udonsile, wadluthula. Ngoluny'usuku i... enye yezimenenja zomhlangano inakekela iposi elivela kwamany'amazwe, ungena ne—nezimemo zakwamany'amazwe ezingamakhulu ayisithupha, nezingi zalezozicelo; ngaphandle kwalokho, ibhuku eliwugqinsi olungaka, ezinyangeni eziyisithupha ezedule, lingenele izindawo. Ngifisa sengathi bengingaya kubo bonke. Kodwa ngokwejwayelekile ngizama nje ukuhamba ngendlela iNkosi engiholela kuyo. Angikaze ngiyivumele imihlangano yami ibe mikhulu. Ngisalokhu ngingumfo omdadlana ofanayo owake wafika ngesinye isikhathi. Angidingi ukuba ngibe nemali. Anginazinhlelo ezinkulukazi ukuba zixhaswe. Angidingi-mali nhlobo. INkosi iyakunakekela lokho, njengoba Yenza endaweni yokuqala.

²² Umehluko kuphela kulobubusuku, ngangikhona kusukela ngesikhathi ngifika eCorning, ngikhohlwa ukuthi ngangine—nephakethe elidabukile, umfowethu wayengiphe isudu ayenayo. Umfo osemncane, futhi wa—walidabula. Futhi—futhi ngi... Lalingakwesokudla, futhi wadabula ingxenye enkulu ngemuva. Unkosikazi nami sehlela esitolo esithengisa izinto zosheleni sasesithenga ezinye zalamapheshi o-ayinela kuwo, niyazi, kodwa lalinga-ayineki kuleliphakethe. Lalilokhu lidonseka liphuma. Ngase ngizithengela intambo ngase ngilithunga. Kwakungesiwo umsebenzi omuhle kakhulu. Ngangingenalo ibhantshi ngaleyonkathi, futhi ngiyakhumbula ngangivame ukubamba ngesandla sami sokudla phezu kwaleyondawo edabukile, futhi ngixhawule abangane bami abangabefundisi ngesandla sami sokunxele, ukulivimba lingabonakali lelobhantshi. Ngase ngithi, “Ngiyaxolisa ngesandla sokunxele, siseduze kakhulu kwenhliziyo yami.” Awu, nginebhantshi elingcono kulobubusuku, kodwa ngisalokhu ngifuna nisondele enhliziyweni yami. Kade nilapho sonke isikhathi. Ngiyayithanda iNkosi uJesu njengoba nje ngangenza ngaleyonkathi.

²³ Futhi ngibe nenhlanhla yokukhuluma kubantu abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ngesikhathi esisodwa. Ngikubonile ukubizelwa ealtare, abanengi ngangezinkulungwane ezingamashumi amathathu zabomdabu boblankethe benikela izinhliziyu zabo kuJesu Kristu ngesikhathi esisodwa, bephihliza izithixo zabo emhlabathini. Ngabona izinkulungwane ezingamashumi amabili-nanhlanu zezimangaliso ezigqamile zenziwa ngesikhathi esisodwa

somzuzwana, ngomkhuleko owodwa, eDurban [Thekwini], eNingizimu Afrika; lapho imithwalo yamatrakh'i ayishumi nesithupha yezihlalo ezinamasondo, imibhede eyizinhlaka nezinhlaka—zinhlaka ehla ngomgwaqo.

²⁴ Ngosuku olulandelayo, ngenkathi uSidney Smith, imeya, engitshela ukuba ngihambe; wangibizela enhla, wathi, “Yana ekamelweni bese ubuka ngasoLwandle lwaseNdiya lapho.” Futhi nampo behla, abomdabu ababelwa bodwa; belele emibhedeni eyizinhlaka nezinhlaka, izinto ezenziwe emakhaya ababebangenise ngazo, ngayizolo; futhi nampa babehla emva kwalemithwalo yamaveni ayishumi nesithupha, becula, “Kholwa kuphela! Konke kungenzeka, kholwa kuphela.”

²⁵ Kukwenza ucabange, “Umusa omangalisayo, umsindo omnandi kangaka, owasindisa olusizi njengami.” Ukwazi ukuthi ngenhlanganyelo nabantu abanje, ukuhlala lapha kulomhlaba nasePhakadeni, ndawonye.

²⁶ Ngikuthatha lokhu ngokuthi kuyinhlanhla enkulu, emkhankasweni wenu, noma lapha engqungqutheleni yenu. Ngihlonishwe ngokuphakeme ukuba ngikhulume komunye wemihlangano yenu kusasa, emini ngicabanga ukuthi kunjalo, futhi kusukela ngeleshumi nambili nqo kuze kube ligamenxe eleshumi nambili, noma into enjengaleyo, kusasa. INkosi ithanda, ngifuna ukuba lapha noMlayezo weVangeli omncane olula nje.

²⁷ Kulobubusuku manje, ukukhulekela abagulayo. Angi... Ugcobo lokukhulekela abagulayo luyi... NguMoya ofanayo, kodwa ugcobo olwehlukile ngisakhulekela abagulayo, kunoma lunjalo ngalendlela. Angikaze ngidle kusukela kusesekuseni namhlanje. Futhi ngifika endlini, ngizila, ngikhuleka. Futhi—futhi angifuni ukuba ngishumayeke ukuze ngibe phansi kogcobo njengenkathi lapho abafowethu abangabefundisi, ukushumayela. Ngi—ngifuna ukuzwa uBukhona beNkosi nxa ngikhulekela abagulayo, ngoba ngamunye engizomkhulekela, kulobubusuku, ngi—ngikufuna kube njalo, ngifuna baphiliswe. Ngi—ngikufunela inkazimulo kaNkulunkulu, ukuthi—ukuthi uNkulunkulu uzophilisa abagulayo. Futhi ngikhulwa ukuthi Uzokwenza.

²⁸ Ngakho ukwenza lokhu, nabaningi benu bantu mhlawumbe akakaze abe semhlanganweni ngaphambili, nabaningi benu abajwayelene nenkonzo. Abanye benu bayakhumbula ngenkathi ngilapha okokuqala eArkansas. Kwabikezelwa, niyakhumbula. Ngibamba isandla sabantu, futhi ngangivele nje ngibambe isandla sabo lapho imizuzwana embalwa, bese-ke iNkosi ikhulume futhi nje isho ababenakho. Ngase-ke nginitshela ukuthi Yangitshela, ngenkathi Ihlangana nami, ukuthi, “Wena, uma uyoba qotho, ukuthi kuyokhuphuka futhi futhi uyokwazi yona impela imfihlo yezinhliziyi zabo.” Bangaki

abake bangizwa ngisho lokho kungakenzeki na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, kwaya kulokho. Manje sekwedlulele. Kulokhu nje kuqhubeka . . . Inkosi ilokhu iqhubeka nokubusisa, futhi nje sinokubonga ngalokho.

²⁹ Ngandlela thize, angisuye umshumayeli; noma ubani uyakwazi lokho. Mina, ngi—ngiyithayi eliyisipele. Usebenzisa ithayi eliyisipele uma une . . . Asinakuphantsha, nokho. Manje thina, kuyenzeka nje ngibe yilo, futhi nje bafuna ukugingqa isipele kancanyana. Kodwa ngi—ngingumfundisi oyithayi eliyisipele, ngoba anginayo imfundo yokuba ngumshumayeli; angikaze ngiye kunoma yiyiphi iBhayibheli sikole. Kodwa engikwazi ngoJesu Kristu, ngiyathanda ukukuzwakalisa ngendlela yami uqobo ebuthakathaka, noNkulunkulu uyihloniphile. Futhi ngiyethemba, kulobubusuku, ukuthi ngendlela Angithuma ngayo ukuba ngikhonzise abantu, lokho ngukukhulekela abagulayo, ukuthi UzoZiqinisekisa phambi kwenu kulobubusuku, ukuthi uNkulunkulu engimthandayo nenimthandayo unathi kulobubusuku.

³⁰ Asithi manje okoMlayezo omncane ngokulandelana kwawo. Uma ungawufinyelelisi uMlayezo phambi kwabantu, omunye akaqondi. Bayosuka bahambe bese bethi, “Angikaze ngikuzwe okunje. Ngiyazi azikho izinto ezinjalo njengalokho eBhayibhelini.”

³¹ Ngakho ukuze kwe—kwendlalwe lokhu, ngi—ngifuna nilalelisise ngempela manje, okwemizuzwana embalwa, ngesihloko soMlayezo omncane ojwayelekile ngokulandelana kwawo, indikimba yomkhankaso: *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*. Manje khumbulani lesosihloko, ukuthi: *UJesu Kristu NguYena Izolo, Namuhla, NaPhakade*.

³² Futhi ngithanda ukubuza lokhu, ngingakafundi, ningizwa kahle na? Omunye ungitshela ukuthi bekunokuwawaza komsindo, ngenxa yosilingi onjalo. Ngabe kungcono uma ngima emuva *kanje* na? Kulungile na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Qhabo. Ngifanele ngisondele. Sekungcono lokho na? [“Yebo.”] Kulungile. Lokho kuhle. Kulungile.

³³ Manje sifuna ukuphenya emiBhalweni, kuJohane oNgcwele 12, nevesi la 20, futhi sifunde kusukela lapha.

Manje kwakukhona amaGreki athile phakathi
kwababenyuka ukuba bakhuleke emkhosini:

*Lawo-ke aya kuFiliphu, waseBetsayida laseGalile,
futhi acela kuye, athi, Nkosi, sithanda ukubona uJesu.*

³⁴ Manje lowo ngumbuzo ngempela, futhi yisifiso esikhulu. Futhi manje, okwemizuzu elandelayo engamashumi amabili noma engamashumi amathathu, ake silalelisise ngempela manje, futhi manje-ke ngeke kwaba yimfihlakalo kini.

³⁵ Manje, ngiyikholwa elikhulu kulokho iZwi likaNkulunkulu elikushoyo. Manje, ngiyazi uNkulunkulu angenza izinto engalotshiwe eZwini. Kodwa i...uma Ezokwenza nje lokho Akwethembise eZwini, lokho kuzoba ngokwenele kimi, ukuMbona nje. Khona-ke ngiyazi kuqinisile, uma Akuloba eZwini.

³⁶ Manje uma iBhayibheli lasho ukuthi, “Nguyena izolo, namuhla, naphakade,” manje lamaGrecki ayenesifiso esifanayo, ngiyethemba, esinaso sonke lapha kulobubusuku. Ngokuba, akukho-ndoda, noma-muntu, owake wezwa iGama likaJesu Kristu, angabi nakufisa ukuMbona.

³⁷ Uma bengingabuza lezizethameli kulobubusuku, ngithemba ukuthi zonke izandla bezingaphakama, “Ningathanda ukubona uJesu na?” Lokho nje ngukuthi, niyabo, ndawo zonke. SiyaMthanda. Awu, manje-ke ngibuza lombuzo, pho singeMbone ngani, uma iBhayibheli lathi Nguyena izolo, namuhla, naphakade na?

³⁸ Manje akuqondile ngendlela nje. IBhayibheli lathi, “Nguyena.” Manje kimi, iBhayibheli, Liphakathi kokuthi Linephutha noma Liqinisile. Manje, uma lelo lingesilo iZwi likaNkulunkulu eliphfumulelwe, khona-ke angazi ukuthi ngikholwe yikuphi.

³⁹ Ngibe nenhlanhla yokubona eziningi, izinhlobo eziningi zenkolo, khona ngqo e—e—eDurban.

⁴⁰ NaseBombay, ngabungazwa ngenye intambama ethempelini lamaJains, lapho khona izinkolo zaseNdiya ziyishumi nesikhombisa ezehlukene, zonke ziphika uJesu Kristu, nazo zonke...Ngabungazwa lapho yilezizinkolo ziyishumi nesikhombisa ezehlukene.

⁴¹ Futhi ngikubonile ngalobobusuku, phansi kwamandla kaMoya oNgcwele, ukuthi uNkulunkulu wayiphosa kanjani inselelo kuwo onke amadoda angcwele, zonke izinkolo, nayo yonke eny'into, empumputheni imi emsamo. Ngenkathi ebona ukubona okufihlakeleyo, acabanga ukuthi kwakungukufunda ingqondo kolunye uhlobo. Khona-ke umbono wavela phezu kwendoda eyayikade iyimpumputhe iminyaka engamashumi amabili, umkhonzi welanga. Futhi ngabona umbono ukuthi wayezophiliswa. Ngase-ke ngiphosela inselelo wonke umpristi kaMohamede, wonke umpristi kaBuda, yonke indoda engcwele, oRaja, bonke, ukuthi, “Noma yiyiphi indoda ezoza lapha futhi inike lendoda ukubona kwayo, ngizokhonza unkulunkulu oyinika ukubona kwayo. Futhi wathi uzokwenza okufanayo.” Yayikhonza ilanga.

⁴² Ngase ngithi, “Yini, yini ebeningayenza na? Yini ebeningayenza nina bakaMohamede ngayo na? Beningathi, ‘Yayikhonza o—okudaliweyo esikhundleni soMdali.’” Ngathi, “Beningathi ‘amen’ kulokho. Kodwa manje-ke kuzofanele

kube nomuntu oqinisile nomuntu onephutha.” Ngathi, “Beningenzenjani na? Beningenza okaMohamede ngayo. UBuda ubengenza umkhonzi kaBuda, kanjalonjalo.” Ngathi, “Beningenzenjani na? Beniyoshintsha kuphela umqondo wayo. Beniyoshintsha kuphela indlela yayo yokucabanga.”

⁴³ Ngathi, “Sinento efanayo eUnited States. Onke amaMethodisti ifuna ukuba amaBaptisti abe yiMethodisti. Bese kuthi-ke iPresbyterian ibafuna bonke babe ngamaPresbyterian. Ne—neOneness ifuna babe yiTwoness. Netwoness ifuna babe yi...O, he! Kuyini na? Kungukushintshwa komqondo. Kuzofanele kubekhona into yangempela ndawondawo. Niyabo, kuzofanele kubekhona into ethize eqinisile, nento ethize eyiphutha.”

⁴⁴ Ngathi, “Manje akuthi uNkulunkulu wokudaliweyo abuyisele ukubona kwayo, ngaphambili lapha kwabantu abayingxenye yesigidi. Yayisithi, unkulunkulu ozoyinika ukubona kwayo, izomkhonza.” Ngase ngithi, “Ngizoba ngumfundi wendoda efikayo futhi iyinike ukubona kwayo.”

⁴⁵ Lezo kwakuyizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu ezithule kunazo zonke owake wazizwa. Akukho-muntu. Ngangingeke ngiyiphose leyonselelo ukuba ngangikade ngingawubonanga umbono. Manje, kwakunofakazi abayizinkulungwane ezingamakhulu amahlanu zalokho.

⁴⁶ Ngase ngithi, “Anizi ngani na? Ngoba ningeke nakwenza.” Ngase ngithi, “Nina, bakaMohamede, nizisho ukuthi inkolo kaMohamede ingenkulu kunazo zonke esizweni,” ngase ngithi, “nokungahle kube yiyo, ngezibalo; noBuda, kanjalonjalo. Kodwa ngempela kunabanye umpristi okwazi ukuza futhi emukele lenselelo.” Akukho-muntu owakwenzayo.

⁴⁷ Ngathi, “Isizathu ningakwenzi, yingoba ningekwenze. Futhi kanjalo nami ngingekwenze. Kodwa uNkulunkulu waseZulwini, uvuse uJesu Kristu, engingufakazi waKhe kulobubusuku, ukuthi ngibone umbono ukuthi indoda izomukela ukubona kwayo. Uma ingakwenzi, khona-ke ngingumprofethi wamanga, futhi ningixoshe ningikhiphe ezweni lakini. Kodwa uma Ekwenza, khona-ke nibophelezekile, phambi kwabapristi benu uqobo nayo yonke into, ukufakaza ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu ngokweqiniso, noMsindisi wezwe.” Wonk’umuntu wayethule.

⁴⁸ Baletha impumputhe; ngayigaxa. Ngathi, “Nkosi Jesu, ngokombono ongehluleke, ngikhulekela ukuthi Uzonika indoda ukubona kwayo.” Futhi iqala ukudazuluka. Nemeya yedolobha yayihlezi lapho, futhi yagijima yase iyidumela. Yayisikwazi ukubona kahle nje njengoba ngangingabona.

⁴⁹ Khona-ke babenombutho wezempi abacishe, o, amasosha angamakhulu, awakwazanga ukuhlehlisa abantu. Bagijima beqa ngaphezu kwamasosha, bagijima phansi kwemilenze

yawo nezinduku, ayezama ukuhlehliisa izixuku. Ngesikhathi ngingena emotweni ngiphuma, cishe ngangingasenzingubo engizigqokile, ngingasafake zicathulo ezinyaweni zami, bedluthulela izicathulo, futhi bedluthulela ibhantshi nayo yonke into, belambele futhi bomele uNkulunkulu.

⁵⁰ Kodwa uNkulunkulu kaElija usaphila namhlanje, futhi nje UnguNkulunkulu kakhulu njengoba Wayelokhu enjalo.

⁵¹ Manje bonke abasunguli benkolo. Bemi laphe ethuneni likaMohamede, bekuyihashi elimhlophe, eselime laphe iminyaka eyizinkulungwane ezimbili. Bashintshe abaqaphi cishe njalo emahoreni ayisithupha, futhi babheke ukuba uMohamede avuke futhi—futhi agibele ehlele emhlabeni. Niyazi, u... futhi wabhala ibhuku leKoran, kanjalonjalo. Kodwa, o, uBuda, cishe iminyaka engamakhulu angamashumi amabili-nantathu eyedlula, wayeyi—yindoda, indoda yezenkolo e—eJapane, kanjalonjalo. Futhi zonke lezizinkolo, bonke abasunguli bazo ufile futhi usethuneni.

⁵² Kodwa ubuKristu, emva kolwazi lokuzibonela komhlaba jikelele, ubuKristu yiyona kuphela inkolo yeqiniso. Yiyona kuphela engakhombisa ithuna elingenalutho. Yiyona kuphela umsunguli wayo, noma yimuphi umuntu, futhi akukho-muntu onjengaYe, owake wama emhlabeni futhi wathi, “Nginamandla okubeka ukuphila kwami phansi ngibuye ngikuthathe. Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina. Ongakholwa akasayikuNgibona, nokho niyoNgibona nina. Ngokuba Ngi,” ungi yisabizwana somuntu, “Ngiyakuba nani, ngibe kini, kuze kube sekupheleni kwezwe, kuze kube sekupheleliseni.” UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade!

⁵³ Manje sifika emcabangweni. Manje uma Enguyena, Akafile. Uvukile kwabafileyo, futhi Wethembisa ukuthi amakholwa aKhe ayoMbona, kusukela phansi kuze kube sekupheleni. Kuyothi ngqu ekupheleliseni, ukuthi bayoMbona, manje, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade.

⁵⁴ Indoda amaningi engikhulume nawo, athi, “Awu, ngendlela aNguyena.”

IBhayibheli alishongo ukuthi, “ngendlela.” Lathi, “Nguyena.”

⁵⁵ Futhi uma silambela ukuMbona, ngentshisekelo efanayo lamaGreeki enza ngayo. Ayezwiwe ngaYe, ayafika futhi athola ukuMbona, ngobumnene bomunye wabafundi baKhe. Awu, singenze okufanayo, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade na? “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.”

⁵⁶ Manje, singaxoxa ngokuvuka, singakhuluma ngakho. Kodwa uma kungesibo ubumpela, kuba nje yi—yinsumansumane kuphela, kuyingane kwane. Kodwa uma kufakazelwe ukuthi

kuyiQiniso, khona-ke siphakathi kwabantu abajabule kunabo bonke, futhi ngiyajabula ukuba nabo.

⁵⁷ Manje, ukuba—ukuba uJesu Kristu ubezobonakala phambi kwethu, kulobubusuku, futhi singabona ngemigomo enikezwe nguNkulunkulu, nangazo impela izenzo zoBuYena, ukuthi Ulapha, khona-ke sifanele okungenani siMemukele, siMenze emukeleke. Manje, leso yisititimende esikhulu, kodwa sinoNkulunkulu omkhulukazi owagcina onke amaZwi aKhe.

⁵⁸ Futhi uma sithola noma yini eBhayibhelini, lengisa umphefumulo wakho kuyo. IyiQiniso. Hlala nje ngqo nalokho uNkulunkulu akwethembisa, uNkulunkulu uzokwenza.

⁵⁹ Uma singabantwana baka-Abrahama, siyazikholwa lezozinto. UAbrahama, ngokumelana nezimo ezinkulu, wabiza izinto ezazingekho, ngokungathi zazikhona, ngoba wakholwa ukuthi uNkulunkulu wayenamandla ukugcina iZwi laKhe. Futhi sizibiza ngabantwana baka-Abrahama. UAbrahama walindela isithembiso iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. Esikhundleni sokuya ngobuthakathaka, waya ngokuqina. Futhi kubonakala kwehluke kanjani namhlanje ngeNzalo yaKhe yobukhosi.

⁶⁰ Manje, inzalo ka-Abrahama yangempela ngu—yayinguIsaka, siyakuqonda lokho, okuvela iJuda, elingongaphandle.

⁶¹ Kodwa iNzalo uNkulunkulu ayeyinikeza isithembiso, kwakuyiNzalo ka-Abrahama, ukukholwa ayenakho kuNkulunkulu. Okungukuthi, ngoJesu Kristu, OyiZwi laKhe, siba yizindlalifa kanye naYe. Nalelibandla, kulobubusuku, lwabahambi balolusuku, ngokoqobo liyiNzalo ka-Abrahama yobukhosi, nokukholwa kwangokoqobo.

⁶² Manje, uma bengingabuza amaMethodisti, “Niyalikholwa na?” “Yebo.” “Niyakholwa ukuthi Unani na?” “Yebo.” IBaptisti, iPresbyterian, iLuthela, iPentecostal, kanjalonjalo, wonk’umuntu ubeyosho into efanayo.

⁶³ Kodwa manje besiyofuna kanjani na? Hlobo luni lomuntu ebesingalufuna, uma besifuna ukubona uma Ubenguyena na? Uma Ubelapha eArkansas, kulobubusuku, kulelitabernakele, hlobo luni lomuntu ebesiyolufuna na?

⁶⁴ Thina, besiyofuna umuntu o, awu, mhlampe onengubo ende, nentshebe ebusweni bakhe, nezibazi zezipikili esandleni sakhe, namanxeba ameva esimongweni sakhe—sakhe na? Uma beningafuna umuntu onjalo, noma yimuphi umzenzisi ubenganidukisa kulokho. Kunjalo, ukuzifanisa nomunye umuntu. Umuntu ubengapenda izibazi ezandleni zakhe, futhi ubengaze azihlabe ngisho nangameva futhi enze izibazi, kodwa noma yimuphi ozifanisa nomunye umuntu ubengakwenza lokho.

⁶⁵ Kodwa ke ukuba besingafuni lona lolohlobo lomuntu, hhayi ngokugqoka kwakhe noma umumo wakhe ukuthi ubunjani. Ngoba, uma Wayelapha, Ubeyogqokiswa njengoba sinjalo. Kwakungekho-mehluko. Wayegqoka futhi ehamba phakathi komuntu ngendlela nje umuntu ayeyiyo. Akazange agqokise okomfundisi wasesontweni wangalolosuku. Wayegqoka nje ngokugqoka okwejwayelekile kwasemgwaqeni. Ngakho Ubeyogqoka nje ngokwejwayelekile, mhlawumbe egqoke isudu, kanjalonjalo, njenganoma yimuphi omunye umuntu namhlanje obengagqoka. Njengomuntu osebenzayo, noma u—usomabhizinisi, kumbe noma ngabe yikuphi okunye, lokho bekuyoba yindlela Abeyogqoka ngayo. Ngakho awuMazi neze ngaleyondlela. Ubungasoze waMazi ngesimo somumo, noma ngabe Wayemude, ondile, emfishane, ezimukile; noma, thina, asazi, ngakho ubungeke neze wazi.

⁶⁶ Kodwa ngiyasho ukuthi Ubeyoba yini, ukuba Ubelapha namhlanje, Ubeyoba yiZwi likaNkulunkulu. Yilokho impela Ayeyikho, futhi Useyikho. UyiZwi, hhayi kuphela iZwi elilotshiwe (UyiZwi elilotshiwe), kodwa ukubonakaliswa kweZwi elilotshiwe. “UNKulunkulu wayekuKristu, enza ukuba izwe libuyisane naYe.” UNkulunkulu, iZwi, wabonakaliswa enyameni, ukuze amaZwi aKhe akwazi ukukhulunywa ngezindebe zomuntu futhi abe yiZwi. Futhi Wabonakaliswa enyameni, lowo kwakunguJesu Kristu, uNkulunkulu, uEmanuweli.

Manje wena uthi, “Ngabe UyiZwi na?”

⁶⁷ UJohane oNgcwele, isahluko 1, uyasitshela, “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. NoLizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.”

⁶⁸ Kwakuyini ezinye zezinto Abeyozenza na? Siyathola, kumaHeberu, isahluko se 4 nevesi le 12, iBhayibheli lasho ukuthi, “IZwi likaNkulunkulu libukhali kunenkemba esikanhlangothi zombili, futhi Lingumehluleli wemicabango yenhliziyu.” IZwi liyiyo. Ngakho iZwi lingumehluleli wemicabango nezizindlo zenhliziyu. Lokho bekungamenza afanele uJesu, impela, eyiZwi. Wayeyazi imicabango owawusenhliziyweni yabo. AmaHeberu 4:12.

⁶⁹ Manje ukuba besifuna ukuMkhomba, besingaMlindela ukuba abe nguDokotela wezobuNkulunkulu na? Akukho okuqoshwe phansi ngaYe ake aba sesikoleni.

⁷⁰ BesingaMbandakanya nanoma yiliphi ihlelo na? Ufika ngesikhathi okwakunamahlelo amaningi, kodwa Akazange Azihlanganise nanoma yiliphi lawo. Ngakho U...besingeke sithi WayengumFarisi, noma umSadusi, noma okanjalo kanjalo. BesingaMbandakanye nanoma yiliphi ihlelo elithize.

⁷¹ Ufikela abantu. UNkulunkulu, enguNkulunkulu wakho konke, UnguNkulunkulu wakho konke okudaliweyo. Wafela ukusindisa izoni kuwo onke amabandla, uku—ukuphilisa wonke umuntu ogulayo. Ufikela ukwemukela labo abayoMemukela.

⁷² Leyo yindlela efanayo Ayiyo lapha kulobubusuku, ukuphilisa labo abaMemukelayo, ukusindisa labo abazoMemukela. Ufika ngesimo esifanayo, ngendlela efanayo.

⁷³ Uma Efika, Uyodingeka afike ngokuzibandakanya ngokomBhalo. Uma Engazibandakanyanga Yena uqobo... Akukho-ndawo ebesingayithola eBhayibhelini, eTestamenteni eLidala, ngaphandle kwalokho Azibandakanya Yena uqobo ngokuyikho nomBhalo, kakhulu ngangokuthi Wathi, “Ubani, yimuphi kini ongaNgilahlala ngesono na?”

⁷⁴ Manje, sonke siyazi ukuthi *isono* ngu, “kungakholwa.” “Ongakholwa uselahliwe vele.” Manje, isono singumphumela wokungakholwa. Ukubhema osikilidi akusiso isono. Ukweba akusiso isono. Ukuqamba amanga akusiso isono. Ukuphinga akusiso isono.

“Siyini pho?” ubungasho njalo.

⁷⁵ Siyimiphumela yokungakholwa. Ukuba ubuyikholwa, ubungeke uzenze lezozinto. Isizathu sokuba ukwenze, kufakazisa ukuthi ungongakholwayo. Niyabo? Kunamaqembu amabili abantu abangavumelani, lokho ngukuthi, kuphakathi kokuthi uyikholwa noma awusilo ikholwa.

⁷⁶ Nokuthi kukanjani, bekuhlala njalo kungidida, ukuthi umuntu angazisho ukuthi unoMoya oNgcwele kuYe, futhi aphike iZwi likaNkulunkulu lingeliqinisile. Kanti, uMoya oNgcwele Qobo lwawo waloba iZwi likaNkulunkulu. Futhi niyazi Wayengeke azibize Yena uqobo ngokuthi unephutha. Ngakho Waloba imiBhalo, futhi Uma ngemiBhalo, noNkulunkulu uyaYiqaphela, ukuYiqinisa.

⁷⁷ Ngakho ake sibuyele emuva nje futhi sithole ukuthi Wayeyini, uma sifuna ukwazi ukuthi ngabe Usenguyena namhlanje. Indlela yeqiniso kuphela yokuthola, ngukuthola ukuthi Uyini namhlanje, ngukubuyela emuva futhi sithole ukuthi Ube yini izolo, khona-ke siyazi ukuthi Uzoba yini namhlanje. Ngabe lokho kwenele kahle na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uma singathola ukuthi Ube yini izolo!

⁷⁸ Kusobala, singaqala emuva ngendaba ende. Angifuni ukunihlalisa isikhathi eside, ngoba nizofanele nibe lapha kusasa, futhi sifuna ukwenza umugqa womkhuleko, kodwa ngifuna ukuba ngempela nithathe lokhu manje futhi nilalelisise. Uma kuphela singabuyela emuva bese sithola ukuthi Ube yini izolo, singathola-ke ukuthi Uyini namhlanje, ngoba iBhayibheli lathi, “Ngyena izolo, namuhla, naphakade.”

⁷⁹ Isizathu bengiphenya lawomakhasi ngihlehla, bekungukuthola emuva lapha ku...Nginyaqala futhi ngifunda uJohane oNgcwele 12:20, asiqhubeke nje kuJohane oNgcwele. Singakuyisa noma kuphi emiBhalweni enifuna khona, ngoba yonke iNcwadi ingubufakazi bukaJesu Kristu. Yisambulo esigcwele sikaJesu Kristu. Akukho lutho olungenezelwa kuYo noma lususwe kuYo. Yilokho Ayikho. UnguEmanuweli, nalokho—lokho kuyakuxazulula; akunandaba ukuthi sizama ukuMenza ini, enye into ethize, noma umprofethi, noma—noma into efana naleyo. Wayengumprofethi; Wayedlula umprofethi. WayenguNkulunkulu—mprofethi. Kodwa Waye—Wayedlula lokho. WayenguEmanuweli; hhayi nje umuntu olungileyo, uthisha, isazi sokudabuka kwezinto. Wayeyikho konke lokho, nakho, futhi kuhlangukhiswe nalokho. Niyabo?

⁸⁰ Manje kuJohane oNgcwele, eso 1, sizoqala kulobubusuku, futhi mhlawumbe kusasa ngikuthathe kancane, enye iNcwadi. Asiqale kuJohane oNgcwele 1. Sithola ukuthi...Sonke siyakwazi ukuzalwa kwaKhe yintombi, ukuthi uNkulunkulu wayisibekela kanjani intombi, futhi wadala ingqamuzana leGazi elazala iNdodana, uKristu Jesu. Futhi ogwini lweJordani, ngenkathi uNkulunkulu ehla ngesimo sokuKhanya, noma ijuba, akukho-muntu obone lokho kodwa uJohane. Bonke labobantu bemi bezungezile, abaKubonanga. Akukho-muntu owaKubonayo kodwa uJohane. Wayenguye kuphela owayeKufuna, ngakho uNkulunkulu wayemtshelile ukuthi wayezoKubona.

⁸¹ Ubona kuphela okufunayo. Uma uza lapha kulobubusuku ufuna uKristu, uzoMbona. Uma uzogxeka, uzoba nenqwaba, inqwaba esandleni sakho ozokugxeka. Kuya ngokuthi ufunani.

⁸² UJohane wathi, “Owangitshela ehlane ukuba ngiyobhaphathiza ngamanzi, wathi phezu kwalowo engi ‘yakubona uMoya ehla futhi ehlala kuye, NguYe oyobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo.” UJohane wafakaza, wathi, “Ngabona uMoya kaNkulunkulu wehla uvela eZulwini, njengejuba, futhi Wahlala phezu kwaKhe.” Wase-ke Eqhutshelwa ehlane, nokulingwa. Uphuma ehlane, futhi masinya, siyathola, ekhulekela abagulayo.

⁸³ Manje, niyabo, into yokuqala, uMoya kaNkulunkulu ufika phezu kwaKhe ngaphambi kwenkonzo yaKhe, ngakho yilesosizathu Akwazi ukuba athi, “AkusiMi owenza imisebenzi, nguBaba ohlala kiMi. Wenza imisebenzi.” Manje sithola ukuthi inkonzo yaKhe yaqala ukuphuma, uqala ukuphilisa abagulayo, ngo—ngomkhuleko.

⁸⁴ Manje uNkulunkulu uphilisa ngezindlela eziningi. Udokotela wangibuza, kungekudala, wathi, “Uthini umbono wakho ngomuthi, Mfowethu Branham na?”

⁸⁵ Ngathi, “Awu, uNkulunkulu nguYe kuphela ongaphilisa, mnumzane.” Ngathi, “IBhayibheli aliwaqambi amanga, neBhayibheli lathi, ‘NgiyiNkosi, ephilisa zonke izifo zenu.’” Ngase ngithi, “IBhayibheli lingewaqambe amanga.” Ngathi, “UNkulunkulu uphilisa ngomuthi. UNkulunkulu uphilisa ngothando. UNkulunkulu uphilisa ngokuqonda. UNkulunkulu uphilisa ngokunakekela. UNkulunkulu uphilisa ngomkhuleko. UNkulunkulu uphilisa ngezimangaliso. Yonk’into, uNkulunkulu uyaphilisa. Yilokho kuphela, konke okukukho, Ungumphilisi.”

⁸⁶ Asinamuthi ongadala, futhi udale ingqamuzana esandleni sakho, ukuphilisa; udale emzimbeni wakho, ukuphilisa. Singalikhapha izinyo, singalinquma silikhiphe ithumbu iapendiksi, noma sikhapha ingqalathi yenyongo, kodwa ubani ophilisile na? UNkulunkulu. Akukho-muthi oyokwakha inyama, nguNkulunkulu kuphela. Ukuphila kwakha inyama. UNkulunkulu nguyena kuphela ongumphilisi, futhi sasikhuluma ngalokho.

⁸⁷ Futhi siyathola manje, ukuthi uJesu wayehambahamba ephilisa abagulayo. Futhi kwakukhona omunye wabafundi baKhe ogama linguAndreya.

⁸⁸ Futhi ngifuna ukwenza lokhu ngokusamdlalo wasesiteji ngoba kunabantwana abahlezi lapha, nentombazane encane egulayo ilele phansi lapho. Ngifuna ikuthole.

⁸⁹ Niyazi, uAndreya wayengumfowabo kuSimoni, owathi kamuva wabizwa ngoPetru. NoAndreya wayesebe ngu—ngumlandeli kaJohane. NoJohane wayememezelile ukuthi kwakunoMesiya ozayo, futhi wayeqinisekile ukuthi kwakuzoba sesizukulwaneni sakhe. Yingalesosizathu engazange aye kunoma yiziphi izikole noma ikholiji. Umsebenzi wakhe wawusemqoka kakhulu.

⁹⁰ Ngani, niyazi, uma umpriisti wayeqondile ukuthi wayezoba nguye owayezomemezela ukuzalwa... noma uMesiya ozayo, nokuMethula ezweni, ngani, babeyothi, “Manje, manje, Dokotela Johane, awuzwa njengalowoMfowethu *S’ban-bani* lapha, awucabangi nje ukuthi ukufanele ukuba nguMesiya na? Ngani, mbuke, u—u—unemuva elihle. Uyazi uyakwazi, lowo nguMesiya. Awuhambi ngani futhi utshele izwe na?”

⁹¹ Kodwa, niyabo, umsebenzi wakhe wawusemqoka kakhulu ukuba avunywise ngumuntu. Waya ehlane futhi walinda ekolishi lokufundisa kukaNkulunkulu, uNkulunkulu waze wamtshela, “Phezu kwaLowo oyobona uMoya ehla, yiLowo ozommemezela, uMesiya.” Niyabo?

⁹² Manje sithola ukuthi uAndreya wayekukholiwe, akungabazeki wayebuyile futhi watshela uSimoni ngakho, izikhathi eziningi. Kodwa uSimoni, ethe ukuba nekhanda elithe ukuba l’khuni kancane, njengoba si... Ngiyaxolisa ngesisho; ngiyethemba asizwakali singokuthuka okungcwele. Kodwa

yena, ethe ukuba nekhanda elil'khuni kancane, njengoba besingakubiza kanjalo namuhla, "O, qhubeka, uma ufuna ukulalela lokho." Futhi ngoluny'usuku uyafika futhi wamtshela ukuthi wayefumene uMesiya, futhi kwakul'khuni ukuba akukholwe.

⁹³ Futhi sengiyabona nje uAndreya enyusa uSimoni manje phambi kweNkosi uJesu. Okokuqala ukuba aze aMbone. UJesu wayesanda kubuya ehlane nje. Inkonzo yaKhe yayiqala, manje Wayefanele akhonjwe. Futhi wathi nje uSimoni angaya eBukhoni beNkosi uJesu, uJesu wambheka wayesethi, "Igama lakho nguSimoni, futhi uyindodana kaJona."

⁹⁴ Manje masinya sithola ukuthi uSimoni wakholwa. Ngaleyonkathi wayese-ke esenegama likaPetru. Wakukholwelani na?

⁹⁵ Ngafunda indaba kayise, uJonase, wayeyindoda enkulu yo—yomkhuleko. Wayekhulise abafana bakhe ukuba—ukuba bakholwe kuNkulunkulu. Futhi usuku ngalunye umsebenzi wabo kwakungukudoba, izikhathi eziningi kakhulu babedingeka baguqe ngamadolo abo futhi bakhuleke ukuba uNkulunkulu abaphe ukubanjwa kahle kwezinhlanzi ukuze bakwazi ukukhokha izikweletu zabo futhi bathole isinkwa sangalolosuku.

⁹⁶ Futhi engakafi, umfo omdala uhlala phezu kwentambo yokudonsa useyili yesikebhe sakhe ngoluny'usuku, wayesethi kubafana, wathi, "Madodana, singamaHeberu, futhi sikholwa ukuthi kwakukhona uMesiya ozayo. Futhi bengihlala njalo ngithemba ukuthi ngiyophila ukuba ngibone usuku ukubona uMesiya ebeka unyawo lwaKhe emhlabeni. Futhi ngi... kodwa ngiqagele angiyikuluphila, ngoba sengigugile manje futhi ngifanele ngimuke. Kodwa, bafana, uSathane akazukumvumela lowoMesiya ukuba avuke ngaphandle kwenqwaba yomesiya bamanga kuqala. Ngakho ngifuna nina bafana ukuba nikhumbule, ningamangali nge—nengqwaba yezinto ezizokwenzeka. Kodwa ngifuna nina bafana nifundiseke. Khumbulani, ukuthi sinalokhu: uMesiya, nxa Efika, Uyofanele akhonjwe nguNkulunkulu ngokomBhalo, Engakabi nguMesiya." Sidinga abanengi obabayi abanjalo namhlanje!

⁹⁷ "Uyofanele abe nguMesiya ngokomBhalo. Futhi manje silandele uMose, umprofethi omkhulu owahola abantu bakithi baphuma eGibhithe, futhi silalele ukufundisa kwakhe. Futhi si—siyazi ukuthi—ukuthi uMose wayeqinisele. Futhi kuDuteronomi, isahluko 18, uMose wasitshela lokho, 'UMesiya; iNkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa umprofethi onjengami, futhi bafanele baMuzwe.'"

⁹⁸ Manje, uIsrayeli njalo wayefundiswa ukuba kuphela akholwe abaprofethi. Nina bafundisi beBhayibheli niyakwazi

lokho. Nomprofethi wayengakhonjwa kuphela, umprofethi, ukuthi ngenkathi eprofetha nento ayisho yafezeka. IBhayibheli lathi, “Uma ekhona phakathi kwenu, ongowomoya noma umprofethi, Mina iNkosi ngiyakukhuluma kuye, Ngizenze mina uqobo ngaziwe kuye, ngemibono namaphupho. Nakushoyo kufezeka, khona-ke mzwani. Kodwa uma kungafezeki, ningamesabi.” Lowo ofanayo, yilokho Akutshela uMose ukuba akutshela abantu, naleyo kwakuyinkomba yabo yomBhalo ukuthi uMesiya uyoba ngumprofethi.

⁹⁹ Manje noma ubani uyazi ukuthi iZwi leNkosi liza kumprofethi; hhayi kumpristi, kodwa kumprofethi. IBhayibheli lashi njalo. IZwi leNkosi leza kumprofethi. Futhi siyazi, uma kuyiZwi leNkosi, nomprofethi uqinisile, khona-ke amazwi akhe aqinisile, khona-ke amazwi akhe liyafezeka. Nalokho kuyizincwadi zakhe ezimchazayo, ukuthi, kuqala, yiZwi. Futhi, kuqala, uNkulunkulu uyiZwi. Bese kuthi-ke uma ekhuluma izwi, futhi lenzeke, khona-ke lokho kukhombisa ukuthi uNkulunkulu ubeke leyondoda ngokobuNkulunkulu.

¹⁰⁰ Manje manje-ke nalokho emqondweni, bangahle ukuba bavusa zonke izinhlobo zamadlingozi nayo yonke into ezweni, lezozitshudeni zeBhayibheli zazingeke neze zikukholwe, ngoba uMesiya wayefanele abe ngumprofethi. Futhi babekade bengenamprofethi iminyaka engamakhulu amane. UMalaki wayengumprofethi wokugeina. Kungekho-mprofethi.

¹⁰¹ Futhi nakhu kufika uSimoni, nokufundisa okunjalo njengalokho, ebukhoneni boMuntu ukuthi umfowabo wakholwa ngokujulile ukuthi WayenguMesiya. Futhi wathi nje angangena eBukhoneni baKhe, akusikho kuphela ukuthi Wayemazi ukuthi wayengubani, Wayemazi lowobaba omdala omesabayo uNkulunkulu, uJonase. Akumangalisi kwakhipha isitashi kuye. Wazi ukuthi leyo kwakuyinkomba eqinisile kaMesiya. “Owakho, igama lakho nguSimoni, uyindodana kaJonase.”

¹⁰² Nendoda eyayingafundile kangaka ngangokuthi yayingakwazi ngisho nokusayina igama layo uqobo, siyatshelwa; iBhayibheli lashi, eNewadini yeZenzo zabaphostoli, isahluko 3, ukuthi, “wayeyikho kokubili ukungazi futhi engafundile.” Kodwa kwamthokozisa uNkulunkulu ukumenza inhloko yebandla eJerusalema, futhi umnika izihluthulelo eMbusweni. Isizathu, ngenkathi leyombewu emiselwe ngaphambili ilele lapho kulowomdobi omdala, futhi ngenkathi ukuKhanya kushaya kuyo, ngokushesha yaqonda ukuthi lowo kwakunguMesiya.

¹⁰³ Manje lokho kwafakazisa lapho, ukuthi lowo muntu wazi, kwafakazisa ukuthi leyo mbewu yayikade ilele lapho. Igama lakhe laliseNewadini yokuPhila yeWundlu selokhu kwasekelwa izwe, ngenkathi iWundlu lihlatshwa ekucabangeni kukaNkulunkulu uQobo. Futhi kwathi nje ukuKhanya

kungayishaya, ngokushesha iyaphila futhi yakuqonda ukuthi kunguMesiya.

¹⁰⁴ Kwakukhona oyedwa emi lapho ogama linguFiliphu, futhi wakubona lokhu, ngokushesha kufika emqondweni wakhe. “Lowo nguYe ngeqiniso, ngokuba ngiyayazi imiBhalo. Lowo Muntu akaze ambone lowo muntu ngaphambili, futhi Ubeyokwazi kanjani ukuthi ubengubani na? Lowo ngumProfethi.”

¹⁰⁵ Walandela umngane owayekade enezifundo zeBhayibheli naye, kusukela esengumfana. Igama lakhe kwakunguNatanayeli. Kungamamayela ayishumi nanhlanu ukusuka lapho ababeshumayela khona, ukuzungeza intaba, ukuya lapho uNatanayeli ayenesixhobo somnqumo. Sengiyambona uFiliphu esendleleni yakhe, egxuma futhi ememeza. Wayethole into ethize eyayiyiyo ngempela.

¹⁰⁶ O, Kufanele kuziqale kanjani izinhliziyi zethu, ngokuzungeza imimango, ngaphesheya kwezinkangala, ezansi edabula emasimini, ehlela endleleni enqamula phakathi kwezakhiwo, ngaphesheya komgwaqo, ngale ukunqamula esizweni, ndawondawo.

¹⁰⁷ Wathola into ethize. Futhi wayenomngane. Izifundo zeBhayibheli, ngaphambili, kade efakazisile ukuthi loMesiya wangokomBhalo uyoba ngumProfethi. Kungekho baprofethi iminyaka engamakhulu amane.

¹⁰⁸ Ngenkathi engena endaweni, uthola uNatanayeli phandle phansi komuthi, ekhuleka. Futhi mhlambe wama imizuzwana embalwa nje, ukuba alinde, njengomnumzane ohloniphekile ongumKristu, ukuba alinde aze aqede umkhuleko wakhe. Futhi ngenkathi esukuma, mhlampe wayethintitha uthuli engutsheni yakhe, uFiliphu ngokushesha ngahle ukuba wathi, “Natanayeli!”

Futhi uza ngapha, wathi, “Filiphu, zakwethu, ngiyajabula ukukubona!”

¹⁰⁹ Futhi mhlawumbe ingxoxo yayiyinto ethi ayifane nale. Niyabo, akabanga nesikhathi sokuba athi, “Thamba kanjani iminqumo na?” Noma, “Unjani unkosikazi nabantwanyana na?” Niyabo, umlayezo wawuphuthuma. Wayebone into ethize. Wayebone umBhalo ukhonjwa, uMesiya, futhi yilokho ababekubhekile iminyaka ngeminyaka ngeminyaka. Wathi, “Woza, ubone Esimfumene! UJesu waseNazaretha, indodana kaJosefa, woza, uMbone!” Umlayezo wawuphuthuma.

¹¹⁰ Ngiyanitshela, bazalwane, ukuba besingathola lolohlobo lomdlandla, ukuthi uMlayezo wethu uphuthuma kakhulu. Asinaso isikhathi sobuwula. Asiyise uMlayezo kubantu, abantu owujulukele ngezinhlupho, bangabantwana bobaba bethu abama ezitaladini, nesi—nesigujana itamborini esandleni sabo, futhi babedla isinkwa sommbila ovela emzileni kaloliwe,

ukwesekela loMgwaqo omkhulu, leliVangeli. Futhi manje sibona uKristu phakathi kwethu, asiye ezweni naWo, ngokukhulu ukushesha esingakwenza, futhi simfumane.

Wathi, “Woza, ubone Esimfumene.”

¹¹¹ Manje sithola ukuthi uNatanayeli wayengusiyazi wezenkolo ngempela, futhi sengathi sengiyambona ethi kuFiliphu, “Manje awulinde umuzuzu nje, Filiphu, uchezukele kusiphi isiphetho esijulile na?” Uyazi, leyonkulumo isajikeleza nanamhlanje, niyabo. “Ugijime wachezukele kusiphi isiphetho na?” Esinye isiphetho esixegayo phandle ndawondawo, niyazi. “Ngi-ngikwazi ungephilile, indoda enengqondo, futhi nakhu wenyuka ugijima futhi ungitshela ukuthi uMesiya ulapha emhlabeni na?”

¹¹² Wayefanele axoxe nezazi zezinkanyezi omegi. Niyazi, izazi zezinkanyezi umegi wayesenhla eBabiloni. BabengamaJuda enhla lapho betadisha isayense yezinkanyezi. Futhi ngenkathi sebone lezozinkanyezi ezintathu ziza ngomugqa, lesi kwakuyisibonakaliso, isibonakaliso esidala samaHeberu, ukuthi uma lezozinkanyezi ezintathu ziza ngomugqa, uMesiya wayesemhlabeni. Bayeza, bempopolozu, “Uphi Lowo, ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? Sibonile iNkanyezi yaKhe futhi size ukukhuleka kuYe.”

¹¹³ Kodwa, uFiliphu, lokhu. Babengenazo ezisakazwayo ezehlukene njengetelevishini, umsakazo nephephandaba, nezinto ngalezozinsuku, futhi babengasoze bayishicilele noma yini enjengaleyo empeleni. Ngakho into yokuqala esiyaziyo, sithola uFiliphu noNatanayeli bekhuluma, “Awu,” wathi, “woza.”

¹¹⁴ Wathi, “Buka, kukhona okuhle okungaphuma esigejaneni saba ngcwele-...” noma ngiyaxolisa, “isigejane sabantu abanjalo, abaphuma eNazareth na?”

¹¹⁵ Awu, uyazi ukuthi ngicabangani? UFiliphu umnika impendulo edlula zonke noma ubani owayengayinika umuntu. Akazamanga ukukuchaza. Akazamanga ukungena emisebenzini esizayo yakho. Wathi nje, “Woza futhi ubone. Woza, uzibonele. Khwica lowombhalo ogoqwayo phansi kwengalo yakho, kaDuteronomi 18, bese uza ungilandele futhi sizothola.”

¹¹⁶ Ake sicoshe ingxoxo yabo lapho behamba. Niyabo, babefanele bafike lapho, usuku olulodwa, bese bebuya ngolulandelayo, amamayela ayishumi nanhlanu. Ngakho emgwaqeni, ngale, sengiyamuzwa uFiliphu ethi, “Manje buka, Natanayeli, eziningi impela izifundo zeBhayibheli njengoba sibe nazo, sikholwa ngokugxilile ukuthi uMesiya uzoba nguNkulunkulu-mProfethi, ngoba uMose washo njalo. Futhi salandela uMose, futhi besifanele simlandele kuze kufike lomProfethi. Futhi nxa lomProfethi efika enkundleni, khona-ke Uyositshela indlela yokuPhila, kusukela ngaleyonkathi

kuqhubeke. Futhi uma . . . Uyazi, ongaMkholwa uyakunqunywa phakathi kwabantu, uma singaMkholwa.”

“Awu, wazi kanjani ukuthi lomfo ungumProfethi na?”

¹¹⁷ Awusho, “Uyamkhumbula lowomdobi omdala ezansi lapho, owathenga lezozinhlanzi zangalolosuku, kuye, futhi wayengenayo imfundo eyenele ukuba asayine igama lakhe erisidini?”

“Ya, ngiyamkhumbula. O, igama lakhe wayenguSimoni. Yebo.”

¹¹⁸ “Umfowabo, uAndreya, ubethamela umhlangano kaJohane. Futhi ngenkathi esebone isimemezelo, futhi wasizwa isimemezelo sikaJohane, ethi, ‘Lona wayenguMesiya.’ Futhi, uJohane, siyazi wayengumprofethi, ngakho wayengeke asho lutho olungamanga. Wamemezela, ‘Lowo nguMesiya,’ futhi ngakho wathi wabona isibonakaliso phezu kwaKhe. Futhi ulethe umfowabo izolo. Futhi uthe nje angenyukela eBukhoneni baKhe, Wathi, ‘Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJonase.’ Ngani, kungengimangaze uma Engangitsheli ukuthi ungubani, uma ufika lapho,” wayeyosho njalo.

¹¹⁹ “O,” wathi, “manje awulinde umzuzu, linda umzuzu! Ngizofanele ngizibonele mina lokho. Ngi—ngi—ngizofanele ngikubone lokho.”

¹²⁰ Ngakho siyathola lapha, ngosuku olulandelayo, okwenzekayo. Bafika, ezinkulu izixuku zabantu zimi. UJesu mhlampe wayexoxa. Mhlawumbe babehlezi, abaningi babo, mhlawumbe babemi; angazi. Kodwa, nokho, uFiliphu uyenyuka, wayesenyusa uNatanayeli, futhi ngenkathi uJesu ephenduka futhi embuka, Wathi, “Bheka umIsrayeli, umIsrayeli uqobo, okungekho nkohliso kuye.”

¹²¹ Ngani, kwayimangaza kakhulu leyondoda! Yathi, “Rabi, kanjani, Waze kanjani noma yini ngami na? A—a—a—angiKwazi. Futhi Awukaze ungibone, nami angikaze ngiKubone. Kanjani, Ubungazi kanjani noma yini ngami na?”

¹²² Wathi, “Awu, ungakabizwa nguFiliphu, wawuphansi komuthi. Ngakubona.” O, he, amehlo anje pho! Kuthangi, futhi amamayela ayishumi nanhlanu ngale kwentaba, “Ungakabizwa nguFiliphu, uphansi komuthi, Ngakubona.”

¹²³ Senzani lesisifundiswa esikhulu esifundile, indodana kaNkulunkulu, esizoba yiyo, safundani? Safunda ukuthi leyo kwakuyinkomba kaMesiya. Senzani na? Akungabazeki saqalaza futhi sabona umpristi waso, nabo bonke banye babo, bemile. Sagijimela ezinyaweni zaKhe, sase siwa phansi, sasesithi, “Rabi, UyiNdodana kaNkulunkulu wena. UyiNkosi kaIsrayeli.”

¹²⁴ UJesu wathi, “Ukholwe ngoba Ngikutshela lezizinto. Manje uzobona okukhulu kunalokhu.”

125 O, kodwa kwakukhona abanye ababemi eceleni, abapristi, abafundisi basesontweni. Futhi babazi ukuthi babezofanele bazilande enhlanganweni yebandla labo, ngakho, ngakho babefanele kubekhona abakushoyo. Niyazi ukuthi bathini na? “Lomuntu unguBelzabule. Ungumbhuli kuphela, noma olunye uhlobo lukadeveli.”

126 NoJesu wajika wayesethi, “Nikhuluma lokho ngokumelana neNdodana yomuntu, niyakuthethelelwa khona. Kodwa nxa uMoya oNgcwele efika ukuba enze into efanayo; ukukhuluma izwi elimelene naYe, anisoze nathethelelwa kulelizwe na—nasezweni elizayo.” Indawo enje pho okungasibeka kuyo-ke!

127 Manje siyathola, kwehle njalo, besingedlula emiBhalweni. I...Asithathe eliny’ikhasi futhi siphenye iBhayibheli futhi. “Sasiswelekile ukuba sedlule ngaseSamarिया,” ngoluny’usuku Esendleleni yaKhe ebheke eJeriko. IJeriko lalingaphansi ekugcineni kwegquma, neJerusalema lalisegqumeni. ISamarिया lisemuva le, kwakungafana nokuya e—eCalifornia ngendlela yase—yaseHot...ngendlela yeLittle Rock. Wawungedlula ngokujikeleza. Kodwa Wayeswelekile ukwedlula ngaseSamarिया. Manje sithola ukuthi, amaSamarिया, adabuka e—esigabeni esixubile sabantu.

128 Zintathu kuphela izizwe zabantu emhlabeni, lowo ngu: Hamu, uShemu, nabantu bakaJafete. Uma sikholwa iBhayibheli, bonke baqala kubantwana bakaNowa, futhi yilokho okwavumbuka ezweni.

129 Futhi manje sithola ukuthi: iJuda, noweZizwe, nomSamarिया. UPetru, enezihluthulelo enikwe zona ngePhentekoste, wasivula ePhentekoste, kumaJuda, wasivula ezansi kumaSamarिया, futhi wasivula kwabeZizwe. Bese-ke kuba yisizwe sonke, izizwe, zazilizwile iVangeli. Awumuzwa esabuye asebenzise esinye isihluthulelo, ngoba iVangeli lase livulwe kubo bonke. Qaphelani manje.

130 LamaSamarिया kwakuyingxenye yeJuda noweZizwe. Ayekholwa kuNkulunkulu ofanayo iJuda elalikholelwa kuye, futhi ayebheke uMesiya ozayo.

131 Manje, uMesiya uyobonakala kuphela kulabo abaMbhekile. Niyabo? Manje thina beZizwe sasingabheke Mesiya, futhi asizange sibone nayimuphi. Lolu wusuku lwethu.

132 Ngakho a—amaSamarिया lalibheke uMesiya. Futhi uma uMesiya wayesemhlabeni, kubophezekile, kubantu abangamaSamarिया, ukuba Azikhombe yena uqobo njengoba Wayenjalo kumaJuda.

133 Manje noma yimuphi wethu uyazi ukuthi uMesiya Wazikhomba yena uqobo ngokuba ngumprofethi uMose athi uNkulunkulu wayezomvusa. Bangaki abakukholwayo lokho, thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Impela.

134 WayengumProfethi. Wakhomba. Manje, lowo kwakunguJesu izolo. Futhi uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, kuzoba nguJesu namhlanje, into efanayo.

135 Manje siMthola enyukela kulomuzi waseSikari, futhi—futhi kwase kuthi akube yisikhathi sasemini. Nabafundi bahamba bayongena emzini, ukuyothenga ukudla. Umphako, kubizwa kanjalo emBhalweni. Futhi besahambile, uJesu walinda.

136 Uma wake waba lapho, kuthi ukuba yindawo ebonakala yonke ngesikhathi sinye njengale; umthombo, noma umthombo womuzi, umphakathi, ngaphandle komuzi. Usamile nanamhlanje. Nabantu bayaphuma futhi bakhe amanzi abo, bese bebuyela emzini. Futhi bawathwala ngekhanda labo, ojeke. Nabesifazane bangabeka cishe ujeke ongamagalane amahlanu ekhanda labo, bese bebeka ngalinye enqulwini futhi bangahambisana, bexoxa nabesifazane njengoba nje abesifazane bengenxa, futhi—futhi kungachitheki neze ithonsi lamanzi. A—angiboni ukuthi bangakwenza kanjani, kodwa ba—bayakwenza, ukubhalansa okuphelele phaqa, bexoxa futhi bexoxa njengoba kwenza amanekazi lapho ehambisana, bethwele labojeke, cishe amagalane ayishumi nanhlanu amanzi, behambisana kanjalo, bexoxa. Nalaba besifazane, ngoba... Basenza into efanayo njengoba nje babenza ngaleyonkathi, nalaba besifazane baphumela emthonjeni ukuzokha amanzi abo.

137 Manje kwakukhona, kuthi akube ngeleshumi nanye nqo noma eleshumi nambili, kwakunowesifazane onegama elibi, uhlobo enaziyo ukuthi ngiqonde ukuthini, o—owesifazane oyilambu elibomvu uphumela emthonjeni ukukha amanzi, wayeseqala ukwehlisa i—imbiza yamanzi. Banesi—sigwedlo, namahhuku amabili aba phezu kwalojeke, noma ibhakede, futhi balidedela emthonjeni, bese lijika nganhlanje uma lishaya amanzi, futhi bagwedla lamanzi abuye enyuke. Futhi nje wayeselungela ukwe—kwehlisa ujeke, ngenkathi ezwa umuntumumbe, wathi, “Ngiphuzise.” Wayesebuka, wayesebona i—iJuda lihlezi lencike udonga, lapho umvini ulengela phezu kodonga, futhi Wayehlezi phezu kwalapho. U—Ufanele ukuthi wayekade ethe ukuba yiNdoda ephakathi nendima yempilo, noma ibukeka iphakathi nendima yempilo.

138 Ngicabanga ukuthi Wayebukeka emdadlana kunalokho Ayeyikho ngempela. Ngoba, siyathola kuJohane oNgcwele 6, ukuthi ingxoxo efika mayelana nokuphuza amanzi e...ehlani, kanjalo njalo, no—nokuthi babesijabulela kanjani isinkwa, simele imana. NoJesu wathi, “NgiyileloDwala elalisehlane.”

139 Base bethi, “UnguMuntu ongabeke emashumini amahlanu,” niyabo, futhi Wayenamashumi amathathu kuphela. “UnguMuntu ongabeke emashumini amahlanu.” Ukukhandleka kwakhe okukhulu kufanele ukuthi kwayivithiza ingxenye

yaKhe yokuba ngumuntu, futhi Ufanele ukuthi Wayekade eseba mpunga kancane, noma okuthize. Bathi, “UnguMuntu ongakevi emashumini amahlanu, futhi uthi U ‘bone uAbrahama’? Manje siyazi Usangene, noma uyahlanya.”

¹⁴⁰ Futhi Wathi, “Engakabibikho uAbrahama, NGIKHONA.” Babebuka umuntu kuphela. Kwakuyilokho okwakuphakathi lapho kukhuluma kuzwakale. Futhi u “NGIKHONA” wayesehlane noMose, esihlahleni esivuthayo.

¹⁴¹ Futhi lapho sithola ukuthi Wayebukeka egugile kancane. Futhi, Yena, owesifazane wabona leliJuda eliphakathi nendima yempilo lihlezi lapho, mhlawumbe indoda eseyedlule ubudala engaqomisana nowesifazane onjalo, wayesethi, “Akusilo isiko, Wena uyiJuda, ukucela kimi, owesifazane waseSamariya, ukuba ngikusize. Asidlelani.” Ngamany’amazwi, “sinokwehlukana lapha, futhi asi . . . asidlelani.”

¹⁴² Ngokushesha Wamazisa. Manje Wathi, wakhuluma naye. Wayesethi, “Manje nina maJuda nithi eJerusalema nikhuleka khona, futhi, noma thina sikhuleka kulentaba,” kanjalo kanjalo, nangokuthi umthombo wawujule kanjani, futhi Wayengenalutho lokukha ngayo.

¹⁴³ Futhi, ingxoxo, manje nizofanele nithathe izwi lami lapha ngalokhu, Ayekwenza, niyabo.

¹⁴⁴ UYise, kuJohane 5:19, uJesu wathi, “Ngiqinisile, ngiqinisile, ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo, kodwa lokho Ebona uYise ekwenza.” Manje ngokweZwi laKhe uQobo. Futhi Angeqambe amanga, futhi abe nguNkulunkulu. NgokweZwi laKhe uQobo, Akazange enze nesisodwa isimangaliso uNkulunkulu aze aMbonise ngombono, ukuthi akenzeni. “Ngiqinisile, ngiqinisile, Ngithi kini, iNdodana ingenze lutho ngokwaYo; kodwa lokho Ebona uYise ekwenza, lokho neNdodana iyakwenza. Niyabo, uBaba uyasebenza, naMi ngiyasebenza kuze kubemanje.”

¹⁴⁵ Manje uYise wayeYitshela ukuba yenyuke indlela edlula eSamariya, futhi nanso Yayihlezi lapho, kwase kuthi-ke lona wesifazane waphuma. Manje Wadingeka axhumane nomoya wakhe, ngakho Wadingeka athole ingxoxo naye. Niyabo? Wayesethi, emva kokuba Esetholile ukuthi yayiyini inkathazo yakhe, sonke siyazi ukuthi yayiyini, Wathi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

¹⁴⁶ Wayesethi, “Anginandoda.” O, ukukhuzwa okusobala okunje pho kuYe. Niyabo? “Ngine . . .” Nokho, owesifazane wayengazi. Wayengumuntu ojwayelekile nje. Wayengagqokisi-kwampristi noma urabi. Wayengumuntu nje. Niyabo?

Wayesethi, “Hamba ulande indoda yakho uze lapha.”

Wathi, “Mina, anginandoda.”

147 Wathi, “Ukhulume iqiniso. Ngoba ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo eyakho; kulokho ukhulume iqiniso.”

148 Manje ngifuna niqaphele umehluko phakathi kwalowo wesifazane nalabo bapristi abafundile abaMbiza ngo “Belzabule.” Wathi nje angakubona lokho, wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi wena. Manje, thina maSamariya, siyayazi imiBhalo. Siyazi ukuthi nxa uMesiya efika, othiwa ‘uKristu,’ Uyokwenza lokhu. Uyositshela lezizinto. Uyabo, leso yisibonakaliso sikaMesiya. Ngakho Ufanele ukuba ngumprofethi waKhe, ngoba Uzoba ngumprofethi nxa Efika. Kade singenaye oyedwa amakhulu eminyaka. Kodwa nxa Efika, siyazi ukuthi uMesiya uzokwenza lokhu.”

UJesu wathi, “NginguYe, okhuluma nawe.”

149 Uma leso kwakuyisibonakaliso sikaMesiya izolo, yisibonakaliso sikaMesiya namuhla, ngoba Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Kwakungesiso isibonakaliso kosiyazi bezenkolo. Kwakuyisibonakaliso kwabakholwayo.

150 Lowo owesifazane wayazi kakhulu ngomBhalo kunoma labo bapristi babewazi. Ngizosho into eyodwa, wayazi kakhulu ngaYe kunenqwaba yabashumayeli namhlanje. Lokho kunjalo. Yebo, mnumzane. Ya, waMazi. Ngani na? Ngikholwa ukuthi imbewu yokuPhila okuPhakade yayilele phakathi kowesifazane. Futhi ngenkathi lokho kuKhanya kubaneka phezu kwaKho, ngokushesha wakuQonda.

151 Manje bukani labobapristi ababefanele ukwazi kangcono. Bathi, “LoMuntu unguBelzabule. Wenza lokhu, Uyi. . .”

152 Futhi uJesu wabatshela, “Ukubiza uMoya kaNkulunkulu ngo ‘moya ongolile,’ akusoze kwathethelelwa.” KwakunguMoya kaNkulunkulu wenza lokho. “Imisebenzi kaNkulunkulu, ‘ngomoya ongolile.’” Nalabo bapristi, esikhundleni sokuhlola umBhalo! Wathi, “Ukuba benulwazi usuku lwaMi.”

153 Ukuba kuphela besizokwazi ukuthi suku luni esiphila kulo, bekuqinisekile ukudideka okukhulu kangaka ngaloMlayezo nangemiBhalo esizama ukuyiletha kubantu, uma abantu kuphela beqonda ukuthi sisesikhathini sokuphela.

154 Manje, kodwa, ngenkathi lokho kuKhanya kushaya lowo wesifazane omncane, kulesosimo, igama elibi, o—o—owesifazane welambu elibomvu; futhi uma lowomBhalo, uma leloZwi, leloZwi elikhonjiwe. . . Wayefunde umBhalo futhi wayazi ukuthi iZwi lathini. Futhi ngenkathi ebone leloZwi libonakaliswa, ngokushesha waLiqonda ukuthi linguMesiya.

155 Uma lalikwazi ukwenza lokho phansi kwalezozimo, besifanele senzeni kulobubusuku ukuba besingaMbona enza into efanayo, iBandla elizelwe ngokusha ligewaliswe ngoMoya oNgwele, libheke ukuFika kwaKhe na? Bekufanele kuzithulule zonke izihlalo ezinamasondo zingabi nalutho konke lapha. He,

zonke izoni bezifanele ziwe zizungeze ialtare. Kufakazisa ukuthi Uyaphila.

¹⁵⁶ Qaphelani, ngokushesha wagijimela emzini, wayesethi kowesilisa, “Wozani, nibone uMuntu ongitshela izinto engizenzileyo.” Manje mhlawumbe ingxoxo yakhe yayinje, “Madoda bazalwane, ake ngikhulume kini ngokukhululeka. Lona kungebesuye yini uMesiya impela na?” Wathi, “Wozani, nibone uMuntu Ongitshela izinto engizenzile. Lona kungebesuye yini uMesiya na?”

¹⁵⁷ NoJesu wafika emzini. NeBhayibheli lathi amadoda alowomuzi akholwa kuYe ngenxa yobufakazi bowesifazane. Akabange esaKwenza esinye futhi isikhathi. Akabange esasho enye into futhi ngaKho. Lokho kwakuxazulula. WayeyiZwi likaNkulunkulu eliqinisekisiwe. Wayeyilo. UnguNkulunkulu, uMesiya. Manje, esizweni sabantu abanjalo! Niyabo?

¹⁵⁸ Manje angazi nje ukuthi sinesikhathi esingakanani. Sizoma mhlawumbe nje...Awu, lindani umzuzu nje. UJesu wathi, kuLuka oNgcwele, Wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Niyakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Manje asime nje okomunye umBhalo owodwa, ukukuhlola nje lokhu phansi.

¹⁵⁹ Manje, bukani, Wazikhomba Yena uqobo. Manje, sinenqwaba yezinye futhi izindawo. Singathatha impumpethe uBartimewu, futhi konke kuqhubeke, futhi sikhombise owesifazane ethinta ingubo yaKhe, zonke izinto ngomBhalo, nasemthonjeni lapho Angena khona lapho, futhi wazi indoda lapho esangweni elithiwa Lihle, yayikade ibe nalenkathazo iminyaka eminingi kakhulu, kanjalo njalo, noJesu wayazi. Wayeseqhubeka-ke, kanjalo kanjalo, ngomBhalo, siye konke kusukela kuGenesisi. Kodwa, ukunazisa, ukuze nje sikwazi ukusheshisa.

¹⁶⁰ Manje, uJesu wazikhomba Yena qobo lwakhe, inkomba yangokomBhalo kumaJuda, ukuthi WayenguMesiya, ngokuba ngumprofethi. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Lowo kwakunguJesu izolo, kumprofethi, noma kumaJuda.

¹⁶¹ Khona-ke abeZizwe wayengaMbhekile. Sasingabahedeni, nesagila emhlane wethu. Futhi thina sikhonza izithixo, thina beZizwe. Sasingabheke Mesiya, ngakho Akezanga kithi. iVangeli alishunyayelwanga kwa—kwa—kwabeZizwe uPetru waze wavula iVangeli kubo endlini kaKorneliyu, sekukade emva kwalokho. Kwase kuthi-ke kamuva uPawulu wathi, “Bhekani, ngiphendukela kwabeZizwe,” emva kokuba amaJuda ayesemenqabile.

¹⁶² Qaphelani manje. Ningakugeji lokhu. Manje lokhu kuzonisiza uma nje nizolalela. Akasenzanga ngani lesisibonakaliso phambi kwabeZizwe na? Wasenza phambi

kwa—kwamaJuda, Wasenza phambi kwamaSamariya, kodwa Akakaze nakanye Asenze phambi koweZizwe. Kodwa Wasibikezela ukuthi siyokwenziwa phambi kwabeZizwe. Ngokuba, lokho uNkulunkulu ayikho, Angeguquke. Uma Enikeza lesosibonakaliso ukuba Azikhombe yena uqobo phakathi kwamaHeberu naphakathi kwamaSamariya, ngaphambi nje kokuba banqunywe basuswe eVangelini, futhi sibe neminyaka eyizinkulungwane ezimbili zokufundisa kweBhayibheli, futhi manje abeZizwe usefike ekupheleni kwabo. Kungukuphela kwethu. Bese kuthi-ke uma Esiyeka sizedlulele nje kwiPresbyterian ejwayelekile, iBaptisti, iMethodisti, noma kanjalo njalo, ukufundisa, ngaphandle kokuzikhombisisa Yena uqobo phakathi kwethu njengoba Enza ngaleyonkathi, Wenze into ethize engalungile. Ngakho Akabheki buso bamuntu, futhi Wathi Uyokwenza.

¹⁶³ Manje bukani, “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma,” lokho kungenkathi abeZizwe eshiswa, washiswa nya. Manje, uNowa, Waphatha uNowa, lokho kwakungukuziphatha kwabantu, bangena. Kodwa qaphelani abeZizwe, ngaphambi nje kokuba kwehle umlilo ukubhubhisa abeZizwe, abaseSodoma neGomora, namadolobha alizungezile.

¹⁶⁴ Qaphelani uAbrahama, isifanekiso seBandla, elikhululekile, iBandla lokomoya. ULoti, isifanekiso sebandla elisivivi, eBabiloni. . . noma hhayi eBabiloni; eBabiloni namhlanje, kodwa eSodoma ngaleyonkathi. Bese-ke kuba ngabaseSodoma, abangakholwayo.

¹⁶⁵ Njalo kukhona izigaba ezintathu zabantu. Si—sinabo lapha, sinabo ndawo zonke. Lokho ngabakholwayo, abazenzisi, nabangakholwayo. Futhi sinabo ndawo zonke, nezigaba ezintathu zabantu.

¹⁶⁶ UNkulunkulu upheleliswa kokuthathu. NjengoYise, iNdodana, uMoya oNgcwele, kwenza uNkulunkulu oyedwa. Nokulungisiswa, ukungcweliswa, umbhaphathizo kaMoya oNgcwele, kwenza ukuzalwa okukodwa. Amanzi, iGazi, noMoya, kwenza ukuZalwa okukodwa. Kanjalo kanjalo, niyabo, kukonke, kuphelele. Asinasikhathi sokwedlula i—izibalo zikaNkulunkulu, kokwaKhe, Apheleliswa kukho; nokuthi ukuFika kwaKhe kuzoba kukuphi, kanjalo njalo, nokuthi sibalo sini, kodwa sikukho.

¹⁶⁷ Qaphelani manje njengoba sitadisha, siyathola manje ukuthi Ubani, loMesiya. UJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, nanjengasemihleni kaLoti.” Manje uAbrahama wayelindele indodana ethenjisiwe. Sinjalo nathi. Ibandla elibizelwe ngaphandle, limele abantu abazelwe ngokusha ozehlukhanise nezwe. Abekho eSodoma. Babizelwe ngaphandle, babekwa eceleni, bebambe isithembiso seNdodana ezayo.

168 Futhi, manje, ngolunye usuku ngenkathi uAbrahama esahlezi ezweni elomileyo.

169 NoLoti ehlala nokwakhe okukhulu...ufanele ukuthi wayeyimeya yedolobha, umehluleli. Uba yindoda enkulu. UNkk. Loti wayephungula izinwele zakhe futhi enza noma yini ayefuna ukuyenza, ngiqagele, ezansi lapho nabo bonke abanye baseSodoma. Kodwa hhayi uSara; ngidingeke nje ukuba ngikufake lokho, bazalwane. Qaphelani, wayephila ngendlela ayefuna ukuphila ngayo. Wayengowesifazane othandwa kakhulu ngabantu. Wayekuzonda ukukuyeka.

170 Kodwa hhayi uSara. Wayesenhla lapho nomyeni wakhe. Wayebizelwe ngaphandle, wanamekwa ngophawu, nesithembiso ukuthi wayezoba nokuvakashelwa okuvela kuNkulunkulu, indodana yayiza.

171 Futhi lenzenjalo neBandla elifanekiswe kuSara namhlanje, ababizelwe ngaphandle, abangaphandle kweSodoma, nesithembiso esilindile seNdodana ezayo. Amen. Ukudedela izwe lenze noma yini abafuna ukuyenza; lowo akusiwo umsebenzi walo. Ulokhu ebeke umqondo wakhe esithembisweni.

172 Kwenzekani na? UAbrahama waphakamisa amehlo akhe wayesebheka, futhi wabona indoda amathathu eza. Futhi niqaphelile yini? UAbrahama, ngenkathi ebone indoda amathathu, wathi, “Nkosi yami, Ungama ngapha na?” Ayemathathu. Wathi, “Nkosi yami,” ubunye.

Ngenkathi uLoti ebona amabili awo, wathi, “Makhosi ami.”

173 UAbrahama wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wathi, “Nkosi yami.” Omathathu, futhi, “Nkosi yami.”

ULoti wabona amabili awo, wathi, “Makhosi ami.”

174 Ngakho wathi, “Nkosi yami, dlula ngapha.” Ase ema. Niyayazi ingxoxo.

175 Qaphelani manje, uLoti wayesezansi eSodoma. NeziNgelosi ezimbili zehlela eSodoma, ukuyoshumayela iVangeli, ukubizela abalungileyo baphume phakathi kwabangakholwayo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UBilly Graham wesimodeni. Awenzanga izimangaliso eziningi; wabashaya ngobumpumputhe, okungukuthi, ukushumayela iZwi kuyamshaya ongakholwayo ngobumpumputhe. Kodwa ophelele, uBilly Graham wesimodeni.

176 Futhi senake naqaphela na? Kuwo onke indoda enkulu esibe nawo ezweni, labashumayeli, selokhu kwaba sezinsukwini zikaJesu Kristu; uSankey, uMoody, uFinney, uCalvin, uKnox, kanjalonjalo, kuqhubeke njalo, kuqhubeke njalo njalo, asikaze sibe nendoda phakathi lapho egcina ngegama layo ngo h-a-m, njengo Abrahama, kodwa uG-r-a-h-a-m. Kodwa qaphelani, izinhlamvu eziyisithupha, G-r-a-h-a-m, isithupha. A-b-r-

a-h-a-m [A-b-r-a-h-a-m-a] ziyisikhombisa. Asikaze sibe nalo, kodwa kunesithunywa ezansi eSodoma, “Phumani kulo.” NoNkulunkulu uthumele indoda efanele, uBilly Graham, ebabiza eSodoma. Futhi bemukela isibonakaliso sokushunyayelwa kweVangeli. Futhi bayaLithola namhlanje, izwe jikelele, ngodumile, umfowethu oligugu, uBilly Graham, enomlayezo wensindiso, futhi, “Phumani eSodoma!” Kunjalo. Negama lakhe ligcina ngo, *h-a-m*, kuchaza ukuthi “uyise wabantu, noma izizwe.”

¹⁷⁷ Kodwa kwakunesiThunywa, futhi, esahlala noAbrahama, A-b-r-a-h-a-m [A-b-r-a-h-a-m-a]. Futhi qaphelani, njengoba Asho, Ubanika isibonakaliso.

¹⁷⁸ Manje khumbulani, igama lakhe lalikade linguAbrama, izinsuku ezimbalwa ngaphambili; uSarayi, hhayi uSara. Igama lakhe lalikade linguAbrama, hhayi uAbrahama. Qaphelani, iNdoda eyahlala futhi yakhuluma kuye, yathi, “Abrahama, uphi umkakho, uSara na?”

¹⁷⁹ Manje abesifazane ngalezozinsuku abafani njengoba benjalo namuhla, baze baphume bagijime bese bengena ebhizinisini lomyeni, futhi baphathe ibhizinisi nakho konke... Niyabo, babehlala emuva lapho bengabakhona. Kodwa, bona, wahlala ethendeni.

Yayisithi, “Uphi uSara umkakho na?”

¹⁸⁰ Manje bhekisisani ukuthi iBhayibheli lathini. UAbrahama wathi, “Usethendeni, emva kwaKho.” INgelosi Yayifulathele ithende.

¹⁸¹ NeNgelosi yayinguMuntu, ngoba Wayedle inyama yethole, waphuza ubisi oluvela enkomazini, futhi udla isinkwa sommbila nebhotele. Kunjalo. Wakwenza. Udla futhi waphuza noAbrahama, ngenkathi ethatha isiphunga-mpukane futhi waphunga izimpukane zisuke kuYe, Esami lapho futhi waphuza. Kunjalo, uMuntu!

¹⁸² Wayesethi, “Abrahama, Ngi...” Naleso yisabizwana somuntu, futhi. “Ngizokuvakashela ngokwesithembiso.” Kwakungubani Lowo na?

¹⁸³ NoSara, elalele, indlebe iwa, niyazi, wahlekela ngaphakathi, kanjalo, buthule. [UMfowethu Branham uyalingisa—Umhl.] “Mina, ugoro, iminyaka eyikhulu ubudala, ubudlelwane bomndeni base banqumuka iminyaka eminingi; mina ngibe nenjabulo nenkosi yami futhi, lokhu isigugile na?”

¹⁸⁴ NeNgelosi, Ifulathele ithende, yathi, “Uhlekeleni uSara na?” Amen!

¹⁸⁵ Qaphelani ngenkathi iNgelosi inyamalala futhi yahamba, uAbrahama waYibiza ngo, “Elohim.” Noma yisiphi isifundiswa esikhulu siyazi ukuthi noma yikuphi lapho obona khona uhlamvu olukhulu L-o-r-d [N-k-o-s-i], kuhunyushwa

ngesiGriki, *Elohim*, “Onele konke, Ongusomandla.” OnguJehova uNkulunkulu. Udumo!

¹⁸⁶ Indoda yathi kimi, “Uqonde ukungitshela, ukholwa ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu na?”

¹⁸⁷ Ngathi, “UAbrahama wakhuluma kuYe, futhi waMbiza ngo ‘Nkulunkulu.’ Ubefanele azi.” O, ngijabula kakhulu ukuthi ngazi uNkulunkulu onjalo!

¹⁸⁸ Wenzenjani na? Engicabanga ukuthi Ukwenzile kwaku... Niyazi, senziwe ngezakhimzimba ezechukene eziyishumi nesithupha zomhlaba, niyazi: isakhimzimba ipetroliyam, nesakhimzimba ikhozmiki layithi, Nesakhimzimba ipotashi, nesakhimzimba ikhalsiyamu. Ngikholwa ukuthi Wavele wathi nje, “Ngizwile ngalezo zono. Ngizoza, ngehle bese ngisibuka. Woza lapha, Gabriyeli,” wabutha umthamo wesandla wesakhimzimba ikhozmiki layithi, futhi, Phfff! “Ngena kulowo. Futhi woza lapha, Mhlonyane,” futhi, Phfff! “Ngena kuwo.” Wayesezitholela owaKhe owodwa. Ngani na? UnguNkulunkulu.

¹⁸⁹ Ngijabula kakhulu ukwazi. Ukuthi, ngoluny’usuku ngingahle ngingabi yilutho kodwa ngibuyele kwisakhimzimba ikhozmiki layithi. Ngingahle ngingabi yilutho kukho obungaluthola. Lamathambo angabola aphele, kodwa Uyalazi igama lami. Ngoluny’usuku Uyongibiza; ngiyophuma nginjengaYe.

Lowo nguNkulunkulu wethu. UAbrahama waMbiza ngo “Elohim.”

¹⁹⁰ Qaphelani, uJesu wathi, “Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.” Izithunywa ziyoba seSodoma; neBandla elibizelwe ngaphandle liyokwemukela isibonakaliso, sani na? UNkulunkulu ebonakaliswa enyameni yomuntu. Udumo! UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Yisibonakaliso eBandleni labeZizwe. Manje sekuyisikhathi sethu. Sekuyithina ukuba sisibone, isithembiso sikaNkulunkulu. Besingama lapha ihora, emuva naphambili, emBhalweni, futhi siphice lokho ndawonye futhi sifakazise ukuthi lokho kuqinisele. Futhi yilelihora. Nasi isibonakaliso sokugcina ukuba sikhonjiswe. Sisesikhathini sokuphela.

¹⁹¹ INewadi yeSambulo, emiNyakeni yeBandla, uNyaka weBandla laseLawodikeya, ingelosi yesikhombisa yayifanele... Ekukhaleni kwezinsuku zalokho, “imfihlakalo kaNkulunkulu isiyakube ifeziwe.” Futhi sisoNyakeni waseLawodikeya; ovilaphayo, othambile, ongalungile, osivivi, naleso yisimo ibandla lethu lePentecostal elingene kuso. UNkulunkulu unyakazise zonke iziphondo Abengazinyakazisa phambi kwalo.

¹⁹² Kungikhumbuza, njengenenekazi elincane eLouisville, lapha kungekudala. Lalinomfana omncane, lihambahamba,

lizama ukunyakazisa amathoyizi amancane, nomfanyana wayevele ahlale nje futhi agqolozele. Nabantu babelibhekisisa. Futhi laqala ukudazuluka. Lenyuka, abanye besifazane, futhi balibuza ukuthi kwakonakeleni. Lathi, “Umfanyana wami uthathe ilumbo phezu kwakhe.” Laselithi, “Akazinaki izinto njengoba abantwana befanele banake, ubudala bakhe.” Futhi lathi, “Ngamyisa kudokotela, nodokotela wathi wayengcono, kodwa,” lathi, “akangcono.” Lathi, “Nginyakazisa lelithoyizi elincane, noma yimuphi umntwanyana. . . Futhi uvele ahlale nje futhi agqolozele. Noma yimuphi umntwanyana ufanele akuqonde lokho njengethoyizi, futhi afinyelele kulo, kodwa uvele nje agqolozele.”

¹⁹³ Leyo yinto efana nebandla lePentecostal. UNkulunkulu uthumele uOral Roberts, nayo yonke enye into, ngapha nangapha, enyakazisa zonke izinhlobo zeziphiwo nezinto, ebandleni. Uthulule uMoya waKhe. Nikhulume ngezilimi, nahumusha, naba neziphiwo zesiprofetho, nayo yonke enye into.

¹⁹⁴ Futhi sekufike esikhathini sikaJesu Kristu ukuba Azikhombe yena uqobo phakathi kwabantu, nguyena izolo, namuhla, naphakade, okuzoba yisibonakaliso sokugcina esizonyakaziswa phambi kwabantu. Khumbulani, isikhashanyana emva kwalokho kubonakaliswa kukaNkulunkulu esimweni somuntu, enyameni, umlilo wehla futhi waqothula abeZizwe. “Futhi njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ukufika kweNdodana yomuntu.”

¹⁹⁵ Wazikhomba yena uQobo njengoMesiya, kumaJuda, ngokubona imicabango owawusenhliziyweni yabo, ngokukhuluma kubo amagama abo nezinto ezehlukene. Babazi ukuthi lowo kwakungumprofethi iNkosi uNkulunkulu eyethembisa ukumvusa. Labo abangempela, abangeqiniso owamiselwa ngaphambili kulokho, bakubona.

¹⁹⁶ Uma kungekho lutho enhliziyweni ukukwemukela, khonake akukho lutho lapho. Ungalithola kanjani igazi kutenipu na? Akukho-gazi kuwo. Ngakho umuntu angakholwa kanjani kube kungekho lutho phakathi lapho ukukholwa ngakho na?

¹⁹⁷ Kodwa uma uMoya oNgcwele uphakathi lapho, ngokushesha ubamba leloZwi. Usuka undize, niyabo, uLithola ngokushesha. Manje, “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Wethembisa lapha ukuba azikhombe Yena uqobo phakathi kwethu, indlela efanayo Enza ngayo.

Manje wena uthi, “Kodwa Wayengazikhomba kanjani Yena uqobo na?”

¹⁹⁸ “Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona. Nokho niyakuNgibona nina, ngokuba Ngiyakuba nani, ngibe kini.” NguMoya oNgcwele okhuluma ngezilimi futhi unikeze incazo, yena Lowo onisindisa esonweni. NguJesu Kristu ofanayo, ufikile.

¹⁹⁹ [Udade ukhuluma ngoluny'ulimi. Omunye futhi uqala ukukhuluma ngoluny'ulimi, bese kuba ngokunqashwanga eteyipini—Umhl.] Bathathu. [Okunye okunqashwanga eteyipini.] Ayidunyiswe iNkosi. Nikuqaphelile lokho na? Kulothu kuthi, “Phumani, phumani, phumani,” niyabo, kubizela ngaphandle. Kulungile, niyezwa ukuthi lokho kuyini.

²⁰⁰ Manje iBhayibheli liyakhuluma, uma kuba nezihambi lapha, iBhayibheli likhuluma ngokukhuluma ngezilimi nezincazo, niyabo. Ngakho uma kukhulume ngezilimi futhi kwahunyushwa, khona-ke yisiprofetho. Niyabo, kunjalo, akusiso na? Yisiprofetho.

²⁰¹ Manje phumani. Manje iNkosi ibonakala isho ukuthi Izoniniba ithuba manje, niyabo, into eningakaze niyibone ngaphambili, into Ezoyenza. Manje asikukholwe lokho ngayo yonke inhliziyoyethu.

²⁰² Manje sivele nje, uBilly nami, ngenkathi siya eNdiya kuloluhambo lokugcina, si... Nginesiqephu esiphuma ephepheni. Futhi sasithi, “U—ukuzamazama komhlaba kufanele ukuthi sekwedlule.” Izinsuku ezimbalwa singakafiki lapho, babazi... Niyabo, iNdiya ayinazo izintango njengoba ninazo lapha, izintango zocingo. Acosha amadwala, futhi enza inqwaba yezindlu zawo. Angabantu abampofu ngempela. Ne—nezinyoni zincane zakhela izidleke zazo kulamadwala, bese kuthi-ke izinkomo nezimvu zingene, ngakusihlwa, bese zima ngakulezizindonga, uma ilanga libalele, ukuba zihlale zipholile.

²⁰³ Kodwa baqaphela, izinsuku ezithi azibe mbili, izinkomo azingenanga, zahlala ngqo ngaphandle endle. Izimvu zaqoqana ndawonye zase ziququbala ngakwenye nenye, zase zincikana, endle, ukuba zihlale zipholile. Izinyoni zonke zandiza zaphuma ezindongeni. Babengazi ukuthi kwakuzokwenzekani. Kwase kugadla ukuzamazama komhlaba, futhi kwamazamisa izindonga zawa. Zase zibuya-ke izinyoni ezincane zase zakhela izidleke zazo futhi ezinqumbini zamadwala, nezinkomo ziqala ukungena futhi.

²⁰⁴ Manje, bukani, uma lowo kungesuye uNkulunkulu ofanayo owakwazi ukuzexwayisa ukuba ziyongena emkhunjini, ngezinsuku zikaNowa! Futhi uma uNkulunkulu akwazi ukwenza lokho, futhi axwayise izinyoni, ngokuzibonela ngokwemvelo; futhi axwayise izinkomo nezimvu, ngokuzibonela ngokwemvelo, ukusuka kulezizindonga ezinkulu ezindala oluzowa. UNkulunkulu uzama ukuxwayisa abantu baKhe namhlanje, ukusuka kulezizindonga ezindala zabafundisi oluzobuthukela phakathi, ngolunye lwalezizinsuku, ngokuba ukuFika kweNkosi sekusondele.

Asikhothamise amakhanda ethu.

²⁰⁵ Nkosi Jesu, ngizwa ukuthi sekuyisikhathi sokuba ngime manje. Futhi sekuyisikhathi saKho sokuba ukhulume, Baba.

Ngizamile ukutshela abantu ukuthi Unguyena izolo, namuhla, naphakade. Ngizamile ukukufakazisa ngemiBhalo, ukuthi Wawuyini, nokuthi Wazikhomba kanjani Wena uqobo.

²⁰⁶ Manje-ke ngiyakhumbula futhi, kuJohane oNgcwele isahluko 14 nevesi 12, Wena wathi, “Okholwayo,” hhayi ozenzisayo, “okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Bekungenza kanjani noma yini enye, Baba? Ukuba besingedlulisela ukuphila kusuka esihlahleni sepheya kuya esihlahleni sempentshisi, belingathela amapheya, ngokuba ukuphila kwesihlahla samapheya kusempentshiseni. Futhi, Baba waseZulwini, uma ukuPhila okwakukuKristu, umqondo owawukuYe, uMoya owawukuYe, wethembise ukuba kithi, khona-ke sifakazela lokho. Uma EngumVini futhi thina singamagatsha, ukuPhila kuvela emVinini. Nkosi, masibe amagatsha, kulobubusuku. Siyaqonda ukuthi umvini awutheli isithelo; wahamba, kodwa ubuya ngesimo sokuPhila, namagatsha lithela isithelo. IPhimbo laKho lingenkathi Ukhuluma ngathi. “Uma nithi kulentaba nqokuleka, futhi ningangabazi enhliziyweni yenu, kodwa nikholwa ukuthi enikushilo kuzokwenzeka, ningaba nakho enikushilo. Uma nikhuleka, kholwani ukuthi niyakwemukela enikucelile, niyakuphiwa khona.” O Nkulunkulu, izithembiso ezinje pho! “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi lihlala kini, khona-ke celani enikuthandayo.”

²⁰⁷ O Nkulunkulu, izithembiso ezinje ibandla elinazo, nokuhlelwa okunje! Siyaqonda ukuthi asifanele, futhi asisoze safanela. Ayikho indlela kithi ukuba sifanele. Futhi asikubali ukufaneleka kwethu. Sibuka eMhlatshelweni wethu, iNkosi uJesu. UyiLowo esifihlwe kuye, kulobubusuku. Singcweliswa esithembisweni saKhe esibusisiwe, eZwini laKhe. Lokho ngokwethu. . .

²⁰⁸ Leyo yindawo yokucasha yokukholwa, phezu kweDwala leZwi likaNkulunkulu eliPhakade elingagudlukiyo. Ukukholwa kuthatha indawo yakho—yakho khona lapho, indawo yakho eyiyonayona, akukho okungakugudluza. Ukufa kungeke kwakuzamazamisa kukususe. Ithuna ngeke lakufihla. Kufakazisiwe. Ngosuku lwesithathu Wavuka, ngoba iZwi likaNkulunkulu lathi, “Angiyikushiya umphefumulo waKhe ehayidese, Angiyikuvuma ukuba Ongcwele waMi abone ukubola.” Akukho-thuna elalingaMbamba.

²⁰⁹ O Nkulunkulu, yiZwi laKho. Lenze libonakalise kulobubusuku. UyiZwi. Futhi vumela amaZwi Owathembisile, akhulunywe kulobubusuku, Nkosi, futhi kwangathi isibonakaliso sokuthi uMesiya usemhlabeni, futhi sisesikhathini sokuphela. Njengoba izazi zabona izinkanyezi ezintathu zishaya umugqa, ukuba kube ngeyodwa; futhi njengoba sibona, namhlanje, Nkosi, izingxenye ezintathu ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu ekugcineni kungena emgudwini, siyazi

zingeyodwa. Futhi siyazibona zonke lezizibonakaliso ezinkulu phezu komhlaba, okuqhamukayo; nenkomba yeNdodana kaNkulunkulu, isebenzana enyameni yeBandla laKhe, ukuqhuba umsebenzi waKhe. Nkulunkulu, kwangathi izinhliziyi zenyama zingavevezela. Kwangathi izoni zingazama. Futhi kwangathi kungabakhona ukuphenduka, futhi kwangathi kungabakhona ukuphiliswa okungaka, kulobubusuku, kwakho kokubili umphefumulo nomzimba, ukuthi abesilisa nabesifazane, ndawo zonke, bazophuma ekungakholweni, bazehlukanise futhi bakholwe kuNkulunkulu ophilayo.

²¹⁰ Ngizinikela kuWe, Nkosi, njengenceku yaKho. Nginikela lelibandla kuWe. Ngियाqonda, Nkosi, akunandaba ukuthi Ubungangigcoba kangakanani, uma abantu engakukholwa, khona-ke kungeke kwenziwa. Sobabili sifanele sisebenze ndawonye njengobunye bokukholwa kukaNkulunkulu, nangodumo lweZwi likaJesu Kristu, ukubona lezizinto zenzeka.

²¹¹ Sibuzwa umbuzo, “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Futhi, Baba, Wethembise lokho, ukuthi Uyoba nathi. Manje sizobheka Wena ukuba ubonakale phakathi kwethu, Nkosi. EGameni likaJesu Kristu ngicela lezizinto. Amen.

²¹² Manje ngiyakholwa . . . futhi uma amakhadi omkhuleko likhishiwe. Elokuqala kuya ekhulwini na? Kunjalo, masithi, singebamise bonke ngesikhathi esisodwa, sizofanele nje sibathole ngamunye ngamunye. Manje, . . . futhi sizonibiza, ngamunye ngamunye, futhi manje-ke uma ukhubazekile, ufe uhlangothi, ungekwazi ukusukuma, abanye babazalwane bazoza, banilethe emsamo, ukuba nikhulekelwe.

²¹³ [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . yimani. Uma ningenakuma, mangaziswe. Elesibili, ikhadi lomkhuleko lesibili, ningasukuma. Ngiyabonga.

²¹⁴ Elesithathu, ubani onekhadi lomkhuleko lesithathu na? Ungasukuma na? Ngokukhulu ukushesha manje, sifanele sisheshe. Ngabe yilelinenekazi, ngabe linelesithathu, ikhadi lomkhuleko na? Kulungile. Kulungile, yana phansi ekugcineni phansi lapho, elesithathu. Billy, wena noma omunye woza ngapha.

²¹⁵ Elesine, elesine, ikhadi lomkhuleko lesine, ubani onalo na? Emuva le ngemuva. Kulungile, woza lapha, nenekazi. Elesihlanu. Nonke nizobizwa, ngamunye ngamunye. Elesihlanu.

²¹⁶ Yiliphi ikhadi onalo, mnumzane na? [Umfowethu uthi, “Elesithathu, B.”—Umhl.] Nombolo bani? [“Elesithathu.”] Elesithathu na? Ukhona owenze iphutha. Le—lendoda lapha inekhadi lesithathu. Kulungile.

²¹⁷ Elesine, ubani onelesine, ikhadi lomkhuleko lesine na? Kulungile, elesihlanu, ubani onekhadi lomkhuleko lesihlanu na? Elesithupha, ubani onalelo, lesithupha na? Ngiyabonga.

Woza. Elesikhombisa. Manje thathani izindawo zenu nje. Elesikhombisa. Elesishiyalombili, isishiyagalombili.

218 Isishiyagalolunye, isishiyagalolunye, ngabe ngilibonile na? Isishiyagalolunye, umuntu akasheshise manje ukuze singezukuthatha isikhathi esiningi kubo. Elesishiyagalolunye, ikhadi lomkhuleko lesishiyagalolunye, ngiyacela. Omunye akangisize abhekisise. Nina bafowethu ningasukuma ningisize nibhekisise. Elesishiyagalolunye, alikho lapha na? Kulungile, uma kungena, kungathatha indawo yakho; kungahle kuphume, ngishumayele isikhathi eside.

219 Eleshumi, ikhadi lomkhuleko leshumi, phakamisa isandla sakho ukuze sizobona ukuthi unguni. Kulungile, woza. Ishumi nanye, ikhadi lomkhuleko leshumi nanye. Ubungenalo yini, nenekazi na? Phakamisa izandla zakho uma ngikutshela, bese kuthi wena, uma inombolo yakho ibizwa, khona-ke u—uzokwazi.

220 Eleshumi nambili, eleshumi nambili, ubani onalo na? Eleshumi nambili. Woza, nenekazi. Eleshumi nantathu, ikhadi lomkhuleko leshumi nantathu. Emuva le ngemuva. Woza, nenekazi, uma ungasukuma. Eleshumi nantathu. Eleshumi nane, eleshumi nane, liphi na? Ikhadi lomkhuleko leshumi nane, ngaleya ngemuva. Kulungile, woza ngaphambili ngqo, nenekazi. Eleshumi nanhlanu, lendoda khona lapha, eleshumi nanhlanu. Isishumi nesithupha, ishumi nesithupha, ishumi nesithupha, ikhadi lomkhuleko lesithupha- . . . Ngale ekhoni. Ishumi nesikhombisa.

221 Niyabo, akusiyo inkundla evalekile iarena, asi. . . Si—siyababiza, ngamunye ngamunye; aninamjaho omkhulu ngale futhi nigxume ningene, niyazi. Sifuna uhlelo, niyabo, inhlonipho yokuzithoba.

222 Eleshumi nesithupha, ikhadi lomkhuleko leshumi nesithupha. Eleshumi nesithupha, ngabe lelinenekazi lineshumi nesithupha na? [Omunye uthi, “Ishumi nane.”—Umhl.] Ishumi nane. Eleshumi nesithupha, ishumi nesithupha. Kulungile, ngiyabonga, mnumzane. Eleshumi nesikhombisa. Usevele uphansi, ya, ishumi nesikhombisa. Ishumi nesishiyagalombili. Kulungile. Ya.

223 Awu, sebevele banabaningi impela phezulu lapho njengabangama ekhoni ngalesikhathi. Sizozala, emizuzwini embalwa ngqo, kusukela lapho. Kulungile.

224 Nibangaki, besalayinisa labobantu, ongenalo ikhadi lomkhuleko, asibone izandla zenu, futhi niyagula na? Kulungile, ngisanicaphunela umBhalo. Manje awunalo ikhadi lomkhuleko, nokho uyagula, awuzukubizelwa emgqeni womkhuleko na? Kulungile.

225 Bangaki kulendlu ongangazi, futhi owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisa izandla zakho; ogulayo, niyazi.

Niyabo? Ukwethembeka kini, angiboni namunye umuntu engimaziyo. Manje, ningahle ningazi, kodwa ngokusobala... A—angikusho lokhu nganoma yikuphi ukulimaza, angikaniboni, futhi a—a—angikaniboni, angiboni namunye umuntu e—engimaziyo, ngaphandle kokuthi yiloluhlobo oluncane lomfo othe ukuzimuka kancane ohlezi lapho, omncane... Ngabe ngibuka umuntu ofanele na? Ngiyalikhohlwa igama lakho ukuthi ungubani, ungowase Missouri. Ngi—ngiyazi wenyukela etabernakele kanye ngasikhathi.

²²⁶ Manje, futhi emsamo, manje, khumbulani, uNkulunkulu ukhona nje kakhulu emsamo njengoba Ephandle lapho. Angazi muntu lapha, ukusho nje ukuthi ngiyabazi, ngaphandle komfowethu khona lapha, noMfowethu Moore, ukwazi ngempela igama noma ukwazi noma ubani. Ngingahle ngazi... Ngi—ngicabanga ukuthi lona nguyihlo ohlezi emuva lapho, ngiqinisekile impela lokho kunjalo. NoJim Maguire lapha, u—umfana weteyipu ehlezi lapha. Futhi yilokho kuphela engikubonayo, ukwazi, nokwazi ukuthi bangobani. Kulungile.

²²⁷ Lalelani, ake sithathe indatshana nje njengale besalungiselela, enye indaba ebesingayithatha ngeNkosi uJesu. Lapha, bangaki owaziyo ukuthi iBhayibheli lithi ngesinye isikhathi kwakukhona owesifazane owayenomopho na? Futhi wayengakwazi, akabizelwanga emgqeni womkhuleko, naye. Kodwa, futhi wayengenalo ikhadi lomkhuleko, kodwa wayenokukholwa, futhi yilokho okuthinta uNkulunkulu. NoJesu ehamba ngasemgwaqeni, lona wesifazane omncane wangena ngesinyelela wayesethinta umphetho wengubo yaKhe.

²²⁸ Bangaki owaziyo ukuthi ingubo yasePalestina yayilenga ngokukhululeka na? Yayiyingubo ende. Futhi yayinengubo engaphansi, futhi, niyabo, ivimbela uthuli ezithweni zabo. Ngakho babene—babenengubo engaphansi, ingubo yayicosha uthuli lapho behamba. Futhi ngakho babenengubo engaphansi.

²²⁹ Nalona wesifazane wathinta umphetho wengubo yaKhe, ngomunwe wakhe. NoJesu wama, Wayesethi, “Ubani oNgithintile na?” Angikholwa ukuthi Wayenzisa okomntwana nje. Angikholwa ukuthi Wenza lokho. Ngikholwa ngokweqiniso Wayengazi ukuthi ubani owakwenzayo. Wathi, “Ubani oNgithintile na?”

²³⁰ Futhi ngangokuthi, abantu abaningi kakhulu beMgaxile, “Halo, Rabi! Ngabe lona ngumProfethi waseGalile na? Awu, siyajabula ukuKubona lapha.” Wonke umuntu, “Unjani?”

²³¹ UPetru wathi, “Nkosi!” WaMkhuza, iBhayibheli lasho. Ngamany’amazwi, uPetru ngahle ukuba washo lokhu, “Ngani, lokho kuzwakala sengathi akujwayelekile, ukuba uMuntu onobukhulu njengaWe ukuba athi ‘ubani othinte’ Wena. Futhi ngiqagele, selokhu ngikhulume kuWe, kube nezandla ezingamashumi amahlanu eziKuthintayo. Futhi manje-ke

Uthi, ‘Ubani oNgithintile na?’ Ngani, akuzwakali kahle ngokwengqondo, Nkosi. Awufanele usho into enjengaleyo.” IBhayibheli lathi, “UPetru waMkhuza.”

²³² Kodwa uJesu wathi, “Ngiyabona kuphumile amandla kiMi.” Kwakuluhlobo oluhlukile lokuthinta, ukuthinta kokukholwa. Amandla ngokuqina. “Ngiyabona ukuthi ukuqina kwaMi... Ngiphele amandla. Ukhona oNgithintile ngoku—kuthinta kokukholwa.”

²³³ Manje Wayengeke akuzwa, ngokomzimba. Ungathinta ibhantshi lami, futhi kukhona okuningi kakhulu phakathi komphetho wengubo yaKhe nomzimba waKhe, kunoma kukhona ebhantshini lami.

²³⁴ Njengempumputhe uBartimewu nje, emi emayadini ayikhulu ukusuka kuYe, wathi, “Jesu, Wena Ndodana kaDavide.”

²³⁵ Nabobonke labobantu bempompoloza, “Sizwa ukuthi Wavusa abafileyo. Sinamathuna agcwele bona enhla lapha. Yenyukela lapha futhi ubavuse, sizoKukholwa.” Niyabo, labobagxeke, niyabo, kanjalo njalo.

Kodwa uJesu akazange amuzwe ngisho uBartimewu, kodwa ukukholwa kakhe kwaMmisa. Niyabo, ukukholwa kwakhe kwakwenza.

²³⁶ Manje, lokhu ukukholwa kowesifazane kwaMmisa, futhi Wabuka phezu kwaso sonke isixuku waze Wamthola owesifazane omncane. Wayesemtshela ngesimo sakhe, wayesethi, “Ukukholwa kwakho kukusindisile.” Kunjalo na? Omncane nje ojwayelekile, owesifazane obukeka ebuthakathaka, futhi waphiliswa.

²³⁷ Manje wenzani na? Akazange aMthinte, impela. Wathinta uNkulunkulu, ngaYe. Awu, manje-ke lokho yi...Bangaki owaziyo...Laba befundisi, okungukuthi, ngiyazi bayazi. Kodwa iNcwadi yamaHeberu iyasho ukuthi, “UJesu Kristu manje ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu.” Kunjalo na? [Abefundisi bathi, “Amen.”—Umhl.]

²³⁸ Bangaki okwaziyo lokho ezethamelini na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Awu, uma EngumPristi oMkhulu, UngumPristi oMkhulu ofanayo Ayelokhu enguye njalo. “Akekho omunye umlamuleli phakathi kukaNkulunkulu nomuntu, kodwa uMuntu uKristu Jesu.” Manje-ke uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, futhi niMthinte ngendlela efanayo enza ngayo, futhi Angathintwa, futhi uma beningaMthinta ngendlela efanayo Enza ngayo, Ubengephendule yini ngendlela efanayo Apendula ngayo ngaleyonkathi, uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade na? Kunjalo na? [“Amen.”] Niyabo? Into kuphela ozofanele uyenze ukuMthinta.

239 Manje, hhayi nithinte omunye wabazalwane bethu, noma nithinte mina. Lokho, lowo nje ngabafowenu, niyabo. Kodwa thintani Yena. Ukukholwa kwenu kuthinta Yena, khona-ke Uzosebenzisa ithuluzi laKhe futhi Uzoba yi... Uzokwenza okufanayo namhlanje Ayelokhu ekwenza njalo. Unguye nje namuhla, naphakade. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

240 Ngakho manje ngifuna nina nonke, ukunakisisa kwenu, wonke umuntu hlala endaweni yakho ngqo okwemizuzu embalwa elandelayo, futhi nikhuleke.

241 Manje, kuyinto enkulu ukwenyukela lapha futhi ushumayele iVangeli elingenza abantu, empeleni, abake babangogweva nabagembuli, nezifebe nayo yonke enye into, phandle emgwaqeni, ukuba bahlale ezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, futhi ungakuzwa ukuphefumulelwa kukaMoya ukuba kukukhuphulele endaweni uze uzidedele wena uqobo, futhi udazuluke kakhulu "amen" no "haleluya," izindumiso kuNkulunkulu. Leyo yinto eyisimangaliso. Kodwa ke kulezozithameli ezifanayo, neVangeli lishunyayelwa futhi lisho Ayeyikho, manje ukuMkhomba futhi emuva ngqo Engofanayo.

242 Manje kulomugqa womkhuleko omi lapho, angicabangi... angiboni noyedwa umuntu kulowomugqa engimaziyo. Akukho muntu. Uma ngamunye wenu okulowomugqa womkhuleko, beyizihambi kimi, anginazi, niyazi ukuthi angazilutho ngani, phakamisa isandla sakho. Ngamunye wenu emgqeni womkhuleko, owaziyo ukuthi angazi lutho ngawe, phakamisa isandla sakho. Kulungile. Ngithemba ukuthi, bekungumugqa wonke womkhuleko. Manje, angazi namunye wabo. Manje indlela kuphela e... .

243 Futhi uma noma ubani ecabanga ukuthi lokhu kuyiphutha, yenyukela lapha futhi uthathe indawo yami. Niyabo? Uze wenze into efanayo, khona-ke ungasho lutho ngalokhu. UJesu wathi, "Uma ngikhipha odeveli ngomunwe kaNkulunkulu, abantwana benu bawakhipha ngani na?" Ngamany'amazwi, "Nquboni abanayo engcono na?" Niyabo?

244 Manje sibe nesikhathi ukuthi wonke umuntu useqale ukucabanga ngesiko elidala, ukubekwa kwezandla. Futhi lokho kulungile. Kodwa manje, bazalwane bami abangabefundisi, ngifakazeleni nje, lelo kwakuyisiko labaJuda. Niyabo?

245 UJayiru wathi, "Woza ubeke isandla saKho phezu kwendodakazi yami, futhi izophila." Kodwa umRoma, oweZizwe, wathi, "Angifanele ukuba Uze phansi kophahla lwami. Khuluma izwi nje." Kunjalo na? Yizwi elakhulunywa; abeZizwe, niyabo. Sifanele sikwenze lokho; uma lowomRoma wakwazi ukucabanga lokho, umhedeni owayesanda kuMbona nje. Isizathu, wayekwazi lokho, amaZwi kaJesu Kristu. Wathi, "Ngingumuntu ophansi kwegunya. Ngithi kulomuntu, 'hamba,'

futhi ahambe, *nalona eze*. Uzofanele eze, ngoba uphansi kwami.” Wayekhombani na? Ukuthi konke ukugula nazo zonke izifo kwakuphansi kokuyalela kukaJesu Kristu. Yebo, mnumzane. Unegunya.

²⁴⁶ Futhi uma besingaMuzwa ekhuluma, khona-ke lokho kuyaMkhomba engonathi. Bekungakukhulu kangakanani phambi kwenu beZizwe, kulobubusuku, ukwazi, nokwazi ukuthi Uphakathi kwethu, futhi singafinyelela phezulu futhi siqonde. Singasho ukuthi, “UMfowethu Branham ubeke izandla phezu kwami; uMfowethu Roberts, noma okwami... omunye umuntu.” Kodwa ngukukholwa eNdodaneni kaNkulunkulu, uthi, “NgiyaKwemukela, Nkosi Jesu. Ulapha. Uyangiphilisa.”

²⁴⁷ Manje uma Ezozikhomba Yena uqobo futhi afakazise ngeVangeli ukuthi Ulapha nje kakhulu impela manje njengoba Wayekhona ngaleyonkathi. Ngifakazisile kini, lowo ngumaka waKhe okhombayo, (kunjalo na?) ethembisa ngezinsuku zokugcina ukuthi lezizinto ziyokwenzeka. Futhi silibonile ibandla lingena ngqo kukho ngoLuther, uWesley, iPhentekoste, futhi kwehlele ngqo ekugcineni. Niyabo? Futhi silapha, uNyaka waseLawodikeya, uNyaka weSodoma, futhi silapha. Inkonzo ifike macala onke eZwi. Futhi ngiyakholwa, yonke imfihlakalo kaNkulunkulu, selivele Lishunyayelwe vele. Manje sekuyinkomba kaKristu phakathi kwabantu baKhe, uNkulunkulu esebenza enyameni yomuntu.

²⁴⁸ Manje, akunandaba ukuthi Ubengangicoba kangakanani, nizofanele nigcotshwe, nani, ukuba nilikholwe. Niyabo, nguwe ozokwenza ukuthinta. Niyabo? Futhi sobabili, ndawonye, senza ubunye. Anginazi; aningazi. Kholwani nje, nami ngiyakholwa, khona-ke uNkulunkulu usithatha sobabili ngesandla. Lowo nguNkulunkulu.

²⁴⁹ Manje-ke, niyabo, iBhayibheli lathi, “Uma nonke nikhuluma ngezilimi, bese kufika oyedwa phakathi kwenu, ongafundile, lapho kungabibikho ohumushayo, khona-ke uyothi ‘Niyahlanya.’ Kodwa oyedwa akaprofethe futhi embule imfihlo yenhliziyi, khona-ke bonke bayowa phansi futhi bathi, ‘UNkulunkulu unani.’” Nginokubonga ukubona lolosuku lufika, ukuphila isikhathi eside ngokwenele ukukubona phakathi kwebandla elibizelwe ngaphandle.

²⁵⁰ Niyakhumbula, akuyi eBabiloni. Akuyanga eSodoma. Kwaya kwababizelwe ngaphandle, abaKhetiwe; leso yisibonakaliso abasibonayo. Banazo ezabo phandle lapho, amaqembu abo ezinhlango nokuqhubeka.

²⁵¹ Kodwa lena yiNkosi uJesu Kristu esimweni sikaMoya oNgewe, ehamba phakathi kwabantu baKhe, enza into efanayo Ayenza ngenkathi Wayelapha emhlabeni, ezikhomba Yena uqobo noMlobokazi waKhe, hhayi ibandla.

252 Kunomehluko phakathi kwebandla noMlobokazi. Hhayi ukushumayela imfundiso, ngoba angikwenzi lokho; kodwa, enkolelweni yami ethobile, uMlobokazi uyahamba wedlula i. . . noma, i—ibandla liyahamba ledlula ekuhlushweni, uphawu lwesithupha, ukulihlanza. Kunjalo. Kodwa uMlobokazi akakwenzi; ungena oHlwithweni ngaphambi kwalokho. Yisikhathi soMlobokazi sokubizelwa ngaphandle, ngakho manje ngiyakholwa yisikhathi sokubizelwa ngaphandle.

253 Ngiyaxolisa, bafowethu, bengingafanele ngishumayele imfundiso, bangahle babe ne. . .? . . . Kungahle kwehluke; uma wenza, akufane nje nokudla uphaya wamasheru, lahla inhlamvu futhi udle uphaya. Uyabo, kunjalo. Kulungile.

254 Kodwa ngikholwa ukuthi yilapho esenza khona iphutha, lapho abanye bethu bekhola, omunye, uthi Ledlula kukho. Futhi omunye uthi, impela, ibandla lizokwedlula kukho; kodwa, impela, kunebandla lapho phakathi eBabiloni, phandle lapho eSodoma. UMlobokazi ubizelwe ngaphandle, ehlezi phezulu lapha elinde ukufika kweNdodana. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Yilapho isibonakaliso senziwa khona, hhayi ezansi phakathi ko—kokwamahlelo; kwelikhethiwe.

255 Manje, phambi kukaNkulunkulu, engiMmele, futhi angiqambi manga, Yena engumaHluleli wami, ngesizotha ngiyasho ukuthi akukho muntu kulowomugqa, njengoba sengike ngakhumbula engike ngambona empilweni yami. Akukho muntu, ngaphandle kwalabo engibabizile phandle lapha, engazi into eyodwa ngabo, noma engake ngababona; neBhayibheli lapha ngaphambi kwami.

256 Manje, uma uJesu enguyena izolo, namuhla, naphakade, njengoba nginitshelile! Futhi niyazi ukuthi angisuye usiyazi wezenkolo, angisuye umshumayeli, njengalokho engikubiza njengabelusi benu lapha abagcotshelwe ukushumayela lokhu. Lokho wubizo lwabo. Lolu wubizo lwami, manje lugcotshiwe ngoMoya oNgcwele, ukudedela uNkulunkulu ageleze ngabantu baKhe. Niyabo?

257 Manje nizokukholwa na? Uma Ezozikhombisa Yena uqobo phakathi kwabantu baKhe kulobubusuku, ukuthi Wethembisa, “Kuseyisikhashana nezwe lingabe lisaNgibona. Abangakholwayo angeke baNgibone. Qhabo, baphandle lapho eSodoma. Kodwa niyoNgibona, ngokuba Ngiyoba nani, ngibe kini. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyoyeza. Eminingi kunale niyoyenza.”

258 Ngiyazi iKing James ithi, “emingi,” kodwa thola iEmphatic Diaglott futhi nibone ukuthi ayisho—ayisho ukuthi. . . iKing James ithi, “emikhulu kune.” Angeke nenza okukhulu kunokunye. Akukho obekungenziwa kube kukhulu kunokunye. Waphilisa abagulayo, wavusa abafileyo, wamisa imvelo, wenza yonke into eyayikhona. “Kodwa *eminingi* niyoyenza.”

259 Ngoba, Umelwe nje kumuntu oyedwa lapho, uJesu Kristu, uNkulunkulu. Kodwa manje uNkulunkulu uphakathi kweBandla laKhe, ndawo zonke. “Eminingi kunalo niyoyenza, ngokuba Ngiya kuBaba; ukubuya esimweni sikaMoya, uBaba Moya.” INsika yoMlilo efanayo eyahola abantwana bedlula ehlane, eyahlala kuJesu Kristu, yabuyela kuNkulunkulu, futhi wathi, “Ngivela kuNkulunkulu, futhi ngiya kuNkulunkulu.”

260 Qaphelani ukuthi kwenzekani masinyane Esenze lokho. USawulu waseTarsu, endleleni yakhe ezansi, washaywa wawa phansi ngalokho kuKhanya okukhulu, njengoba ngishilo izolo ebusuku. Wazi ukuthi leyo kwakuyiNkosi. Wathi, “Nkosi, UnguBani?”

Wathi, “NginguJesu.” Niyabo?

261 Nanso leyoNsika yoMlilo efanayo, lokho kuKhanya okufanayo phakathi kwethu, kuletha ukuPhila Okwakwenzayo ngenkathi KwakukuJesu Kristu, kwenza into efanayo eBandleni loMlobokazi namhlanje. Niyabo? Nizokukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

262 Manje kwangathi iNkosi uNkulunkulu ingafika futhi ikhulume okwalokho engikukhulumile ngaYe. Lokho kukholwa okulula, manje, uNkulunkulu eZulwini uyazi, niyabo, ukukholwa nje lokho. Ngenkathi Wayehlangane nami enhla lapho, Wangitshela lokho. Futhi nakhu ngimile kulobubusuku, ngimile, ngiqagele kunabantu abangamakhulu amathathu—amathathu, noma ngaphezulu, phakathi lapha. Futhi ngi—ngi—ngime phambi kwengxenywe yesigidi, futhi ngenza ukuphosela inselelo, umhlaba wonke. Futhi Angeke, Akakwenzi... UnguNkulunkulu. Lokhu, akusikho lokho engikushilo, yilokho Akushilo. YiZwi laKhe.

263 Manje ngifuna wonke nje umuntu azigcine ehloniphile ngokuzithoba, ngenkathi i...kuyaqhubeka, uma kuqhubeka. Manje, uma kungaqhubeki, uma Engafiki, khona-ke akukho neyodwa into engingayenza kodwa mhlawumbe ukuqala umugqa womkhuleko, ngibeke izandla kwabagulayo futhi ngibakhulekele, bese ngiqhubekela ekhaya. Kodwa yilokho kuphela engingakwenza. Angeke. Ngingumuntu. Ngingumfowenu. Niyabo?

264 Manje, kodwa manje uma uMoya oNgcwele ungenza into egqamile, futhi nicabanga ukuthi iyamangalisa, uNkulunkulu into ekhonzwayo, Mkhonzeni kakhulu njengoba nifuna.

265 Kodwa, manje, futhi ningashuthi zithombe, ningabanekisi malambu, ngoba NgukuKhanya. Bangaki osewake wasibona isithombe saKho na? Niyazi. Impela. SiseWashington, D.C. Niyabo? Kulungile. Manje ngokuhlonipha kokuzithoba.

266 Futhi ngifisa sengathi nina enisemva kwami beningakhuleka ngempela manje, ngoba ngibhekisisa izithameli, futhi mhlawumbe kusasa ebusuku ngizozama ukuza ngapha, niyabo.

267 Manje, angazi. UNkulunkulu kuphela owenza isithembiso. Kodwa uma Ezozikhomba Yena uqobo lapha, “Banumzane, sithanda ukubona uJesu,” futhi lokho yindlela kuphela ukuthi nina... Ungeke wazifanisa nalokho, ngoba lokho—lokho yisimangaliso. Yindida. Impela kuyindida. Niyabo? Indida iyisimangaliso, into engeke yachazwa.

268 Manje nakhu kumi owesifazane. Anginawo nomncinyana umqondo omunye ukuthi lowo wesifazane umele ini lapho kunoma ubani omunye engazi, ngaphandle uma kungumuntu lapha omaziyo. Ungowesifazane nje emi lapho. Kodwa kuyenzeka kube owesifazane. Kuyafika emqondweni wami, isithombe esiphelele sikaJohane oNgcwele 4, owesilisa nowesifazane bebonana, njengoba iNkosi yabonana nowesifazane emthonjeni. Niyabo? Manje, uma lelinenekazi limi lapha, nami nginga... Lingahle ukuba liyagula, mhlawumbe aliguli. Mhlawume linenkathazo yasekhaya. Mhlawumbe linenkathazo yezezimali. Noma mhlawumbe limele lapha omunye umuntu mumbé. A—a—angazi likhonela ini lapha. Angeke nje nganitshela, ngoba angazi. Angazi. Kodwa lona liyazi.

269 Manje uma ngenyuka, kanjalo, futhi ngabeka izandla phezu kwalo, futhi ngathi, “Ngibeka izandla zami phezu kwakho, dadewethu. Udumo kuNkulunkulu! Ufanele uphile, ngoba iBhayibheli lathi, ‘Nibeke izandla kwabagulayo, bayosinda.’ Amen. Qhubeka ngendlela yakho, uthokoza. Uphilisiwe.” Awu, lifuna ukukukholwa lokho, lokho kulungile, ngoba lowo ngumBhalo, “Babeka izandla kwabagulayo, bayosinda.” Lelo yiqiniso. Yilokho iBhayibheli elakusho.

270 Kodwa uma uMoya oNgcwele uma lapha futhi ulitshela into eliyenzile, into ethize ekade isemuva phansi empilweni yalo, lokho elikwenzile, elikwenzayo manje, lokho elikukhonela lapha, lokho elikufunayo? Manje, khona-ke liyazi, lizokwazi ukuthi kuyiqiniso noma qha. Khona-ke liyazi lokho kufanele kuvele emandleni athize angaphezu kwemvelo. Manje kuya ngokuthi lifuna ukukubeka kuliphi izinga, njengoBelzabule; noma njengowesifazane emthonjeni, “Siyazi uMesiya uyokwenza lokhu.” Niyabo, manje-ke, noma yimuphi, lokho ngumklomelo walo eliwutholayo.

271 Kodwa khona-ke uma Engalitshela lokho ebelikade liyikho, futhi—futhi uma kulungile, lizokhomba ukuthi kulungile. Bese kuthi-ke uma Azi lokho akade liyikho, impela lingaMethemba ngalokho Athi liyoba yikho. Ngabe kunjalo? Uma lingaMethemba ukwazi ukuthi Ubeyini, liyazi noma kunjalo noma qha, khona-ke lithini ngalokho Azoba yikho na?

272 Lesi akusiso isikhathi esimangalisayo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Uthi, “Ukumiselani, Mfowethu Branham na?” Ngilinde Yena. Kuyikho impela, impela. Uma Kungafiki,

angeke ngikwenze. Yilokho kuphela, ngilinde Yena nje. Kunjalo. Niyabo?

273 Asicule lelohubo elidala, *Kholwa Kuphela*. Sinike indlela lapho.

Ngokukholwa, ngokukholwa,
Konke kungenzeka, ngokukholwa;
Ngokukholwa, ngokukholwa,
Konke kungenzeka, ngokukholwa.

274 Manje, eGameni likaJesu Kristu, ngithatha wonke umoya phakathi lapha ngaphansi kokulawula kwami, ngokwenkazimulo kaNkulunkulu. Manje hlalani nithule ngempela.

275 Manje, nina enisibonile lesosithombe, (futhi ngiyohlangana nani ngeliny'ilanga esiHlalweni sokwaHlulelwa sikaKristu), aKuqhelile ngamafidi amabili kusukela lapho engimi khona manje. Kunjalo. Manje uma lowo kunguMoya oNgcwele ofanayo . . . Noma ubani uyazi ukuthi iNgelosi yesiVumelwano kwakunguJesu Kristu, Owahola uIsrayeli edabula ehlane. Futhi uma Ezoza manje. Futhi ngishilo ukuthi Uyilokho kuKhanya. Angazi nje ukuthi Kukuphi, kodwa Kukhona lapha eduze kwami. NgiyaKuzwa, futhi ngiyazi Kulapha.

276 Manje uma Kuzothatha impilo yami, imicabango yami uqobo, ukwehlukana komoya kwami, yonke into isuke kimi, futhi kuveze okwaKhe uQobo, khona-ke NguKristu. Manje nonke nizokholwa, uma Ezokwenza na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, manje hloniphani ngempela. Ngizodingeka ngikhulume nenenekazi umzuzwana nje.

277 Manje noma ngabe ubani ongunjiniyela walombhobho lapha, ibhekisise. Ngoba, uma usembhobhweni, u—u—uqhelile lapha. Ukwenye indawo ethize, phansi empilweni yomuntu, ukwenye indawo ethize, njengokuba nje ngokuba kwelinye izwe, futhi ngifanele nje ngikhulumile futhi ngisho ukuthi ngibuka kuphi. Bese kuthi-ke ngoba kuzongishiya, futhi khona-ke angisakukhumbuli engikushilo, niyabo. Ngakho bhekisisani umbhobho, noma ngabe ubani. Ngisakhuluma nenenekazi njengoba nje iNkosi yethu yenza kowesifazane emthonjeni, nje ukukhuluma naye, ukubamba umoya wakhe.

278 Ngoba, ngiqale ngokushumayela, esikhashaneni esedlule, futhi kuthi ukuba wuhlobo . . . Ngaphambi kokuba ngisuke endlini, usuku, ngiyazila futhi ngikhuleke, futhi Kuseduze kwami ngempela. Futhi nje ngingavele ngingene ngqo, kukhulume omunye umuntu, bese-ke ngingena ngqo epulpiti. Kungecono kakhulu. Kodwa nje ukuba lapha kulobubusuku, khona-ke ngi—ngifuna ukukhuluma nenenekazi.

279 Manje, nenekazi, iNkosi uJesu inkulu. Futhi Ayifile, kodwa Iyaphila kuze kubephakade. Uyakukholwa lokho na? Ngi—ngiyakholwa uyakukholwa. Manje thina simile lapha,

njengowesilisa nowesifazane abayofanele babhekane noKristu ngeliny'ilanga, si—sifanele siMbone. Kodwa ngiyabona ukuthi ungumKristu. Ngoba, ngithe nje masinye ngikhuluma, khona-ke ngizwa umoya wabo ungena.

²⁸⁰ Manje uma inenekazi lizofakaza iqiniso, khona manje lizwa ukuzwa okuyinqaba ngempela, njengokumnandi ngempela, okufudumele. Manje uma ungabuka ngamehlo akho, wena ongakaze uKubone, naKhu lapha ngqo phakathi kwami nalo, uyabo, uhlobo lokuKhanya kwelambu elithi alibephuzi. Kuzinza phezu kwenenekazi ngqo, khona manje. Futhi, eGameni leNkosi, liyaqonda ukuthi into ethize ilenza lizizwe likahle kakhulu, okwehlukile kunalokho wena. . .

²⁸¹ Nje, uyazi, ubukhona bomfowenu ngeke benza lokho. Uma lokho kunjalo, nje phakamisa isandla sakho kubantu. Uyabo? Ya.

²⁸² Manje khona lapha, ngibuka ngqo inenekazi, ukuxhumana okuphelele nalo. Inenekazi likhathazeke ngento ethize, futhi lokho kungukuthi linethunzi. Kunethunzi elimnyama phezu kowesifazane, futhi ukhathazekile. Yebo, ngumdlavuza. Linomdlavuza, nalowomdlavuza usesandleni sakhe, emnweni wakhe. Kunjalo, esandleni sakho. Awuwuboni lapha, kodwa kusesandleni salo, noma kanjani. Kunjalo.

²⁸³ Kungani, ngokuguququkayo, lokho umuntu mumbе akucabangayo. . . Unga, ungazami ukufihla imicabango yakho manje. Ngingawubamba lapha ngoMoya oNgcwele. Umuntu mumbе uthe, “Ukuqagelile lokho.” Angikuqagelanga lokho. Angimazi owesifazane. Manje, angikuqagelanga lokho. Angikwenzanga.

²⁸⁴ Awu, lapha, wena nje. . . Angiwuboni lapho engimi khona, use. . .

²⁸⁵ Lapha, kulungile, yehlisa isandla sakho. Ngibuke. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu. Uzokwenza lokho na? Kulungile, asiye kwenye indawo ethize. Yebo, uyikholwa. Futhi ufanele ukholwe ngenxa yalokho. Ngake ngakukhulekela kanye, isikhathi eside esedlule, unomdlavuza, futhi waphiliswa.

²⁸⁶ Wena uthi, “Uyamazi owesifazane.” Bengingamazi. Angikaze ngimbone empilweni yami, njengoba ngazi, kuphela ukumbona kulombono.

²⁸⁷ Lapha ake nginikhombise into ethize. Unomuntu mumbе enhliziyweni yakhe, amkhulekelayo. Loyo ngumyeni wakhe. Ulapha. Uma ngizokutshela ukuthi yini indaba ngaye, uzokholwa ukuthi uzophiliswa na? Unenkathazo yendlala engasesinyeni. Futhi lowo ngu ISHO KANJE INKOSI. Yebo, uJesu Kristu uyakuphilisa.

288 Uyakholwa? “Banumzane, sithanda ukubona uJesu.” Unguyena izolo, namuhla, naphakade. UyaKukholwa ukuthi kuyiNdodana kaNkulunkulu na? Manje bangaki abenu abakholwayo ukuthi nguJesu Kristu na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.] Yibani nokukholwa nje. Ningangabazi. Kholwani uNkulunkulu. Mkhulu nje namhlanje njengoba Wayelokhu enjalo.

289 Manje washo, njengokuthi nje, “Banumzane, sithanda ukuMbona.” Manje, uma lokho kwenza owesifazane emthonjeni, phansi kwalesosimo, isimo sakhe—sakhe—sakhe sokomoya, eqonda lokho ukuba yisibonakaliso sikaMesiya; futhi thina bafundi beBhayibheli, futhi sigwaliswe ngoMoya oNgcwele, bekufanele kwenzeni kithi na?

290 Njengoba bengihlale ngicabanga njalo, ngenkathi uMariya ekhuleliswe ngoMoya oNgcwele owamsibekela futhi wadala lengane, wamtshela ngokwakwenzeka. Wagijima wenyuka ukuyobona umzala wakhe, uElizabethhe, owayenezinyanga eziyisithupha eno—noJohane, umka Zakariya. Futhi babengabazala. Futhi ngenkathi uMariya etshela uElizabethhe ukuthi naye wayezoba nengane, engazi ndoda, ukuthi uMoya oNgcwele wawuzoyiletha, futhi wathi, “Bamqamba iGama laKhe ngokuthi ngu ‘Jesu.’” Niyazi, uJohane omncane, futhi wayenezinyanga eziyisithupha esizalweni zikamama, futhi wayengakaze anyakaze namanje. Niyabo, lokho kungaphansi kokuvamileyo; cische izinyanga ezimbili noma ezintathu nengane iyanyakaza. Kodwa, lokhu kwakungaphansi kokuvamileyo, uJohane omncane wayefile esizalweni sikanina. Kwathi nje ukubingelela kukaMariya kungafika endlebeni yakhe, wathi, “Ngizomqamba igama laKhe ngokuthi, uJesu.” Okokuqala ukuba uJesu Kristu aze akhulunywe izindebe zabantu, kwaletsa ecane, ingane efile yaphila, esizalweni sikanina.

291 BeKufanele kwenzeni kowesilisa noma owesifazane ozalwa nguMoya kaNkulunkulu na? Niyabo? BeKufanele kwenzeni uma sazi ukuthi siphila ezinsukwini zokugcina, umBhalo onqwatshelwe phakathi kithi—phakathi kwethu, kulobubusuku, phezu kwamaphimbo ethu phandle lapha, ukubona uJesu Kristu esinika isibonakaliso sokugcina phambi komlilo na? BeKufanele kwenzeni kithi na? Kusithumele emadolweni ethu, ekuphendukeni.

292 Ngilinde umzuzwana nje, impela, ukuthi ukuzithuntutha kukho, ngoba kungiqeda amandla. Uma kwaqeda amandla iNdodana kaNkulunkulu, amandla aphuma kuYo, bekungangenzani mina, isoni esisindiswe ngomusa na?

293 Manje nangu owesifazane osemusha njenga...Ngabe yilo olandelayo, ngabe yilesi isi...Sawubona? Bengijikile. Bengingazi. Siyizihambi omunye komunye, ngiyethemba. Asazani. Angikwazi. Futhi umncane kakhulu ngeminyaka

kunami, futhi sazalwa cishe amamayela ngokwehlukana. Ukubonana kwethu kokuqala. Kodwa uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi kaNkulunkulu, noma, ngiyaxolisa, ngiqonde ukuthi inceku kaNkulunkulu na? Lokho kuyabakhuba abantu, isizathu. . . Lokhu kuseteyipini. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na?

²⁹⁴ Uyakholwa ukuthi uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade na? Futhi uyakukholwa lokho, wena, lokhu ukuKhanya engikhuluma ngakho, ukuthi lowo nguMoya kaNkulunkulu, uMoya ofanayo, leyoNsika yoMlilo eyadabula ehlane nabantwana bakwaIsrayeli, yabonakaliswa na? Efanayo Engena etilongweni ngalobo busuku, lokho kuKhanya, noSimoni Petru, futhi yavula iminyango yejele, yaMkhipha, wakhululeka na?

²⁹⁵ Uyakholwa ukuthi ngelinye ilanga Uyongena futhi asikhulule na? Ngiyakholwa, nami. Afike ethuneni futhi avule iminyango, ngiyophuma phakathi kwabafuleyo. Ngithemba Yena. Ulapha kulobubusuku. Akumangalisi yini ukwazi ukuthi asidingi ukuthatha ukwazi kokudabuka kwezinto okuthize komuntu na? SineBhayibheli lapha elikhuluma ngalokhu. Futhi Nangu ukuba akhombe iBandla laKhe, ukulinika ukukholwa kohlwitho ukuba lihlwithwe. Ubengahlala kanjani umuntu athule du!

²⁹⁶ Ngikhuluma nenekazi nje. Manje, angilazi. Nasi isandla sami, angikaze ngilibone, ngokwazi kwami. Nje, uma ngingakwazi nawe ungangazi, ukuze abantu bezo. . .

²⁹⁷ Omunye uthe, leyondoda ebengikhuluma kuyo namhlanje, ezansi lapho icosha amakani, ishilo, ukuthi, “Abantu bathi, ‘UMfowethu Branham uza neqembu lakhe uqobo, ubazi kanjalo ke.’”

²⁹⁸ Ngifunga ngokuqinile phambi kukaNkulunkulu, angikaze ngimbone lowo wesifazane empilweni yami, njengoba ngazi, noma akukho muntu omunye kulowomugqa.

²⁹⁹ Uma siyizihambi uqobo ngokoqobo, dadewethu, angikwazi noma lutho ngawe, phakamisa isandla sakho, uma ngingakwazi futhi awazi. Nakho-ke. Angikaze ngimbone owesifazane. Kunjalo.

³⁰⁰ Kodwa ngazi uMuntu mumbé umi lapha nathi, Osazi sobabili, Usondlile zonke izinsuku zokuphila kwethu. NguYe engimthembayo. NguYe engimkholwayo.

³⁰¹ Manje uma bencingakusiza, futhi angangakwenza, bencingekufanele ukukhuluma ngaleliZwi. Angifanele, empeleni. Kodwa uma bencingakusiza, futhi angangakwenza, kodwa into kuphela ebengingayenza. . .

³⁰² Ukuba Ubemi lapha, futhi ubugula, ubuzothi, “Jesu, ngiphilise.” Ubezothi, “Sengivele ngikwenzile ngenkathi Ngifa

eKalvari.” Yalinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu. Lapho inani laxazululwa, laqedwa.

³⁰³ Kodwa manje Ubengafakazisa ukuthi WayenguJesu, ngokukukhombisa isibonakaliso sikaMesiya, ukuthi WayenguJesu. Futhi Wethembisa ukukwenza. Okunje pho... He! Akukho ntuba nje kadeveli ukuba abaleke, ikhona na? Uvalelwe ekhonini. Akamangalisi na? Ngifuna...

³⁰⁴ Isizathu bengisho lokho, ngibhekisisa into ethize yenzeka. Inenekazi lisanda nje kuphuma ekuhlinzweni. Kunjalo. Ngabe kunjalo na? Inkathazo yabesifazane, futhi ubenokuhlinzwa. Ube...Kunjalo na? Futhi uphethwe ngukuphela amandla ngempela nokugula kwemizwa. Akunjalo lokho na? Kulukhuni ukuba usinde kukho. Futhi uzile. Futhi kulobubusuku, ngaphambi kokuba uze, ukhulekele ukuthi uzokwazi ukufika lapha futhi ukhulekelwe, emgqeni. Ngabe lokho kunjalo na? Phakamisa isandla sakho. Angifundi wona umqondo walo. Qhabo, qhabo. Uma ngikutshela ukuthi ungubani, ngoMoya kaNkulunkulu, uyazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha, awuzukwazi na? Kungakwenza ukholwe na? Uzokholwa ngenhliziyo yakho yonke na? Nkk. Gideon, kholwa. Kunjalo. Hamba ekhaya, uJesu Kristu uyakusindisa. Futhi kholwa.

³⁰⁵ Niyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Asithi, “Ayidunyiswe iNkosi.” [“Ayidunyiswe iNkosi!”] He, bakithi, ini... Yibani nokukholwa nje kuNkulunkulu. Ningangabazi.

³⁰⁶ Khumbulani, lowo bekungu ISHO KANJE INKOSI. Bhekisisani ukuthi Ithini. Niyabo? Umbono ungenye into, no ISHO KANJE INKOSI ungenye.

³⁰⁷ Sawubona, mnumzane? Ngiyisihambi kuwe. Singabezinhlanga ezimbili ezahlukenene, ngisho; njengowesifazane emthonjeni, kodwa uJesu wamazisa. UNkulunkulu wenza ngagazi linye bonke abantu. Izizwe nezindawo esakhuliswa kuzo, futhi zaguqula imibala yethu, akuhlangene ngalutho nathi. Singabafowethu, izidalwa, sonke sivela kuAdamu. Kunjalo. Kodwa izinhlanga ezimbili ezehlukene zibonana lapha kulobubusuku, njengoba kwenza nje ngaleyonkathi. Uma uJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ingembula kimi ukuthi yini oyimele lapho ufuna, uyakholwa ukuthi Ibizokunika khona na? Uyakwazi. Ngiyabonga, mnumzane. Uyakwazi. Kulungile, khona-ke inkathazo yakho yesisu izokushiya, nesifo sakho sikashukela sizobe sesihambile. Buyela ekhaya.

“Uma ukholwa, konke kungenzeka.”

³⁰⁸ Manje noma ubani angabona, emsiza phezulu lapho, kukhona into ekhubazayo kuye. Angazi. Angikaze ngimbone owesifazane. Uyisihambi uqobo. Ukuba bengingamphilisa, bengingakwenza. Angikwazi. Manje buka ngapha, dadewethu. UPetru noJohane...Lokho nje kungukubamba...Niyabo,

kunabantu umacala onke, niyabo. Niyamkhumbula ehola impumputhe ngaphandle komuzi, kanjalo njalo, niyabo, ifike kuYe uqobo. Niyabo, wonke umuntu ungumoya ophilayo, niyabo, futhi Kungukuba kukuqukule kukukhiphe ekukholweni ndawo zonke.

³⁰⁹ Manje, ngeke ngaphilisa. Niyakwazi lokho. Ngingumuntu, njengoba nje umyeni wakho—wakho ubengaba nguye, uyihlo, kumbe noma yimuphi omunye. Ngingumuntu, isidalwa esingumuntu nje. Kodwa Yena unguNkulunkulu. Kunjalo.

³¹⁰ Manje, kuyiqiniso ukuthi ukukhubazeka kwakho yisifo samathambo. Futhi u—unesifo samathambo. Sibi, siya ngokuba sibi ngaso sonke isikhathi. Kunjalo. Futhi enye into, unesimo sokugula kwemizwa esinzima ngempela. Unenkathazo yesinye. Kunjalo. Ibhithi. Unezifo nje ezelakanyanayo. Kunjalo. Awusuye owalapha. Qhabo, uvela eCalifornia. Buyela emuva, futhi ukholwe. Uzosinda, eGameni likaJesu Kristu. Yiba nokukholwa.

³¹¹ Niyakholwa na? Kulungile, asiphakamise izandla zethu nje futhi sithi, “NgiyaKubonga, Nkosi Jesu.” [Ibandla liyathokoza—Umhl.] “Futhi, Nkosi Jesu, siKunika udumo nenkazimulo, ngakho konke ukulunga kwaKho nesihawu kithi. EGameni likaJesu Kristu. Amen.” Yibani nokukholwa nje futhi nikhholwe.

³¹² Manje mbukeni esuka ehamba. Bukani lapho. [Ibandla liyathokoza futhi lidumisa iNkosi—Umhl.] Niyabo? Niyabo? Thanini, “Ayidunyiswe iNkosi.” [“Ayidunyiswe iNkosi!”] Amen.

³¹³ UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade. Akawaqambi amanga. Ukhuluma iqiniso. Anitshela khona, kuzoba ngaleyondlela nje. Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Akehluleki neze.

³¹⁴ Manje, noma ubani okukholwayo lokho, uma uzokwemukela, kuzosebenza into efanayo phezu kwakho. Into kuphela ozofanele uyenze ngukukholwa. Manje, wonke umuntu ezethamelini uyakholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile.

³¹⁵ Wena ke onaleyo mithambo eyimiqhansa na? Ucabanga ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa kuyo, akwenze usinde na? Uyakholwa na? Kulungile, izokushiya ke.

³¹⁶ Ngifuna ukunibuzisa, “Ubani, Ubani amthintile na?” Akazange athinte mina. Ngabe kunjalo na?

³¹⁷ Wena ke, uyakholwa na? Uyakholwa ukuthi lobo buhlungu ohlangothini lakho buzosuka na? Uphethwe ubuhlungu ohlangothini lakho. Kulungile, buzohamba.

³¹⁸ Nginiphosela inselelo ukuba nikukholwe, uJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade, ezikhomba Yena uqobo phakathi kwabantu baKhe. Angikaze ngimbone lowo

wesifazane, angikaze ngimbone lowomuntu. Bathinteni na? Bathinte umPristi oMkhulu. Baqhele ngamafidi angamashumi amabili kimi. Bangengithinte mina; ngeke kusize ngalutho, empeleni. Kodwa bathinte umPristi oMkhulu, futhi Nguyena izolo, namuhla, naphakade. UnguJesu Kristu. Nifanele nikholwe, nokho.

³¹⁹ Manje lona wesilisa, nangu owesilisa, njengoSimoni Petru. Mhlawumbe owesilisa wokuqala oze kulobubusuku, ngiyakholwa. Owesilisa uza phambi kwalapha, njengeNkosi uJesu; owesilisa, uSimoni Petru weza phambi kweNkosi uJesu. Owesilisa; ngicabanga ukuthi kade kungabesifazane, manje sekungowesilisa. Manje uma Enguyena izolo, namuhla, naphakade, khona-ke Uzoba njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi. Ngabe kunjalo na? Manje angimazi owesilisa; uBaba waseZulwini uyakwazi lokho. Angimazi. Ungowesilisa nje omi lapha. Kodwa uJesu Kristu uyamazi. Futhi uma uJesu Kristu engembula kimi ukuthi uze ngani lapha, noma into ethize ngaye, futhi—futhi Uzokukhuluma, uyazi ukuthi ngabe kuyiqiniso noma qha. Owesilisa uzokwazi. Futhi uma noma ubani lapha emazi, bazokwazi. Kodwa a—angikwazi. Ngizodingeka nje ngilinde. Kodwa impendulo ilapha. Ilapha, inguKristu. Kunjalo, futhi siyakukholwa.

³²⁰ Futhi manje lolu wudaba oluqedana amandla; luqedana amandla kakhulu, kakhulu. Futhi ngithemba ukuthi nizokholwa futhi nibe nokukholwa.

³²¹ Manje, ngingakwazi, mnumzane. Futhi njengoba nje omunye waletha uSimoni enhla phambi kweNkosi uJesu. Manje angisho. . . Angisiyo iNkosi uJesu, niyabo. Ngingumuntu nje. Kodwa ngizama ukusho ukuthi Ulapha phakathi kwabantu, futhi ngifuna babone. Futhi uma bengakubona lokho, khona-ke ngempela ba—bangakholwa futhi bakwemukele. Nxa konke. . . Uma lesisithembiso, uma Ezokwenza. . . Angeke nje aphumela lapho, bese engena lapha, athi, “Ngizo kuphilisa. Ngizo kuphilisa.” Okwakhe. . . Lokho bekungaphikisana neZwi laKhe. Niyabo, Usevele ukwenzile lokho. Nje u. . .

³²² Into yokugcina Angayenza ngukufakazisa nje ukuthi Ulapha ukugcina iZwi laKhe. Futhi uma Ezokugcina lokhu futhi akubonakalise phezulu lapha phambi kwenu nonke bantu, ngempela lowo wesifazane okhubazekile oze waphakanyiselwa ngisho phezu kwento engama intshi amane lapho, enesifo samathambo, wagxuma phansi phezulu futhi wagijima edabula lapha, ngoba bekungu ISHO KANJE INKOSI. Niyabo? Umphilisile. Manje ngempela ningakholwa ukuthi Ulapha.

³²³ Manje lona wesilisa, isihambi kimi, nami kuye. Sobabili siyizihambi. Manje uma iNkosi uJesu izokwembula, makabe ngumahluleli. Khona-ke ngabe nonke nizokholwa futhi

nemukele ukuphiliswa kwenu, noma ngabe kuyini, nizokholwa ngayo yonke. . .

³²⁴ [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane—Umhl.] Elinye inenekazi libonakale lapha phambi kwami. [UMfowethu Branham uthi ukuthula kancane.] Inenekazi lapho linenkathazo yamaphaphu, kholwa ngayo yonke inhliziyi yakho noJesu Kristu uzokusindisa, uma ungakholwa. Uyakukholwa na? Ngiyisihambi kuwe, kodwa uJesu Kristu uyazi ukuthi ubucabanga ngani. Manje kholwa, futhi uzosindiswa. Amen. Amen.

³²⁵ AKamangalisi na? Angimazi owesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami. Uyinenekazi nje elihlezi lapho. Kodwa u. . .

³²⁶ Ake nginitshela okuthize. Ubehlezi lapho, ethi, “Nkosi, mangiKuthinte.” Mbuzeni uma lokho kungesilo iqiniso. Kuyilo. Kunjalo.

³²⁷ Futhi ngimbone ebonakala lapha, futhi ngakuzwa akushilo. Futhi ngabuka emuva, ngase ngicabanga, “Luphi lolohlobo lomuntu obukayo na?” Angikubonanga ndawo. Futhi bengilokhu ngibuka. Futhi ngenkathi e. . . Ngicalazile, futhi khona manjalo ngakubona lokho kuKhanya kugudlukela ngale futhi kwalenga phezu kowesifazane. Ubelapha, niyabo. UJesu Kristu nguye izolo, namuhla, naphakade. Amen. INkosi uJesu yazi yonke into.

³²⁸ [Omunye uthi, “Inenekazi lifika nami.”—Umhl.] Yilokho obekuyikho. Lona wesilisa uthi inenekazi lifika naye. Amen. Lokhu akusiyo into ethize yini? Niyabo? Manje ngabe aku. . . Lokhu akumangalisi na? INkosi uJesu yazi izinto zonke. Aniboni na? Lokho kungebe yimi, bangani. Niyakwazi lokho. Ni—ninobuhlakani obukhulu kunalokho. Niyakwazi.

³²⁹ Manje kulona wesilisa omi lapha. Manje, ngingakwazi, futhi ngingazi lutho ngawe, uma iNkosi uJesu izokwembula kimi into oze ngayo lapho, noma into ethize oyenzile ukubangela inkathazo yakho, kumbe noma ngabe kuyini, khona-ke uyazi ukuthi Yena, kuzofanele kube yiNkosi uJesu. Kunjalo. Awu, manje kwangathi Angakupha lokho.

³³⁰ Into yokuqala, owesilisa uphethwe yi—yisimo segazi. Qhabo, yibhiphi. Uphethwe yibhiphi. Unokuthize futhi okungalungile emzimbeni wakhe. Ngimbona ehlezi nezinyawo zakhe ziphezulu, noma okuthize. . . O, nga—ngamanzi eqoqana ezungeza amaqakala akho, ezungeza kanjalo. Awusho, ungumfundisi, umshumayeli weVangeli. [Umfowethu uthi, “Amen.”—Umhl.] Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu angangitshela ukuthi ungubani na? Mfu. Williams, uma ukholwa ngayo yonke inhliziyi yakho, ungasuka lapha futhi usinde. [Ibandla liyathokoza.] UNkulunkulu akubusise. Amen.

Niyakholwa na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.]

331 Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphilisa umdlavuzana? Niyakholwa ukuthi uphilisa umdlavuzana futhi asindise abantu na? Sukani emsamo, nikholwa, futhi niphilisiwe. Amen. Kholwani ngayo yonke inhliziyo yenu.

332 Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu uphilisa inkathazo yenhliziyona? Niyakholwa na? Awu, khona-ke eyenu isiphilisiwe. Hambani futhi nikholwe ngayo yonke inhliziyo yenu. Nje akadunyisiwe uNkulunkulu! Amen.

333 Manje, ubenokuzwa okuxakile ngempela ngenkathi ngisho lokho kowesilisa, ngoba ubunenkathazo yenhliziyona, nawe. Uma uzoqhubeka nokukholwa, angeke ibuye. Izokuyeka njalo. Hamba, kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Amen. Kulungile.

334 Lona wesifazane ozalapha usibekelwe ukufa. Ubenomdlavuzana, kodwa manje awusekho. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi uzohamba, futhi usindiswe. Uma ungezukungabaza, awusoze wabuya uma ungakungabazi, kodwa ukholwe.

Woza, nenekazi.

335 Manje nithi bengi “funda imiqondo yabantu.” Kuphenduleni kanje. INgelosi yeNkosi ebifanele ifike ngezinsuku zokugcina, iNkosi uNkulunkulu uJehova, ubefanele azi ukuthi yini ebisemva kwaKhe, njengoba Enza. Lona wesifazane usemva kwami.

336 Kholwa, dadewethu. Uyangikholwa ukuthi ngiyinceku kaNkulunkulu na? Uma ungikholwa, phakamisa isandla sakho.

337 Inenekazi emva kwami, ngabe lisiphakamisile isandla salo na? [Omunye uthi, “Yebo.”—Umhl.] Uma iNkosi ingembula kimi, ngibuka *ngapha*, ukuthi yini engalungile kowesifazane, nizokholwa ngenhliziyo yenu yonke na? [Ibandla lithi, “Amen.”] Unenkathazo yabesifazane, inkathazo yamanenekazi.

338 Uma lokho kunjalo, vayizelisa isandla sakho, lelinenekazi lapha. Usuphilisiwe manje, noJesu Kristu uyakusindisa. Udumo kuNkulunkulu! “Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakubanjalo ekufikeni kweNdodana yomuntu.”

339 Lendawo ebusweni balo isiphenduke yaba ngumdlavuzana. Uma lizokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, unghamba, futhi uzokuyeka, futhi uzosinda. Ngeke ngaphilisa, kodwa uNkulunkulu uzophilisa uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho. Angisuye umphilisi. Hhe-e. Amen.

340 Niyakholwa ngayo yonke inhliziyo yenu na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.]

341 Dadewethu, buka ngapha, nenekazi. Uphethwe yisifo samathambo, sibi kakhulu ekuseni, uma uzama ukuphuma embhedeni. Uhoshela ngaphandle unyawo olulodwa, bese-ke uzama ukwenza indlela yakho, bese ubambelela ezintweni ngesinye isikhathi, endlini, uzama ukuhambahamba. Lokho

kunjalo impela. Uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, uJesu Kristu uzokusindisa. Kusasa ntambama kuzokwehluka, uma uzokukholwa.

³⁴² Asithi, “Ayidunyiswe iNkosi.” [Ibandla lithi, “Ayidunyiswe iNkosi,” futhi liyathokoza—Umhl.]

³⁴³ Lona wesilisa usegugile. Unenkathazo ethiwa yindlala engasesinyeni kumuntu wesilisa, okungukuguga kwalona wesilisa. Unezinto eziningi ezingalungile ngaye. Kodwa enye yezinto ezinkulu afuna ngimkhulekelele yona, yisifo samathambo. Kade simhlupha isikhathi impela. Kunjalo. Uyakholwa na? Hamba ngomgwaqo wakho futhi uphiliswe. Futhi ubonge uJesu Kristu, usindisa abagulayo!...?... Kulungile, mnumzane.

³⁴⁴ Angiyazi intombazane encane, umntwana obukeka ephilile. Ngibheke futhi ukholwe, nenekazi. Uyakholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Uyangikhoholwa ukuthi ngiyinceku yaKhe na? Uyakhoholwa ukuthi uNkulunkulu angembula kimi inkathazo yakho na? Usuthi nje awehluleke empilweni, ngenxa yesimo sokuguliswa yimizwa. Udeveli uqambe amanga kuwe, uzama ukwenza ucabange ukuthi ulahlekelwa yingqondo yakho, nayo yonke into. Ungakukholwa. Ukhululekile. UJesu Kristu uyakukhulula. Amen.

³⁴⁵ Niyakhoholwa, zonke izethameli zenu na? Seniyakhoholwa manje, eBukhoneni baKhe na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.]

³⁴⁶ Uyakhoholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, dadewethu na? UyaMkhoholwa? Uyamkhoholwa? eGameni likaJesu Kristu, philiswa. Amen. Kholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

³⁴⁷ Unokugula kwemizwa, unenkathazo yamanenekazi, futhi uphethwe yisifo samathambo. Sekuthi akumkhubaze kwenyuke. Uma ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ungahamba ukhululwe. Uyakukholwa na? Khona-ke, hamba eGameni leNkosi uJesu Kristu. Ngiyakhoholwa ukuthi uselulanyisiwe, futhi waphiliswa.

³⁴⁸ Uyakhoholwa ngayo yonke inhliziyo yakho na? Manje linda. Ngabe uJesu Kristu uyaligcina iZwi laKhe na? Ngabe Uyaligcina iZwi laKhe na? Bangaki okholwayo ukuthi Unguyena na? Bangaki okholwayo ukuthi ubona uJesu Kristu esebenza phakathi kwabantu baKhe na? [Ibandla liyathokoza—Umhl.] “Nkosi, sithanda ukubona uJesu.”


³⁴⁹ Manje, nginitshela iqiniso. Impela nje ningakhoholwa uma uNkulunkulu enitshela ukuthi nginitshela iqiniso. (Manje ngizwa indodana yami noma omunye umuntu edonsa ebhantshini lami, okusho ukuthi sekuyisikhathi sokuba angidedele ngihambe.) Ngifuna ukunitshela iqiniso, lelo yiZwi likaNkulunkulu elithembise ukwenza lokho.

³⁵⁰ IZwi futhi lethembisa lokhu. Niphakamise izandla zenu futhi nasho ukuthi beningamakholwa. Kunjalo na? Amazwi okugcina uJesu awasho, Engakenyukeli Phezulu, Wathi Upha izipho kumuntu, Wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Kunjalo na? “Uma be,” abakholwayo.

³⁵¹ Bangaki ongabakholwayo, thanini, “Amen.” [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Khona-ke beka isandla sakho phezu komunye umuntu oseduze kwakho. Beka isandla sakho nje ngaphezulu kulowo oseceleni kwakho. Beka isandla sakho nje phezu komunye nomunye. O, manje khulekela lowomuntu.

Nkosi Jesu, siphe khona, Nkosi.

³⁵² Sathane, phuma kuleliqembu labantu, eGameni likaJesu Kristu.

[Ibandla liyaqhubeka likhuleka futhi lithokoza—Umhl.] 

UJESU KRISTU NGUYENA IZOLO, NAMUHLA, NAPHAKADE ZUL63-0627
(Jesus Christ The Same Yesterday, Today, And Forever)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgesi ngeLwesine kusihlwa, ngo Juni 27, ngo 1963, eAssociated Brotherhood Of Christians Campground eHot Springs, eArkansas, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgesi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2016 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org